2025

# Ntulikazi-Mandulo

Vol. 101, No. 3

# Isifundo Sesikolo SeSabatha

Isigaba Sabadala

INXENYE YESITHATHU

# Ivangeli Ngokuya NgokukaJohane

Ngokuhlala kuKristu, siqiniswa ukuba sijabule

Futhi sihlupheke ngenxa Yakhe

# Okuqukethwe


1. UJesu, uSimoni, noMariya…………………………..………………………………….5
2. Ukungena Ngokunqoba…………………………………….......................10
3. Sifuna Ukubona UJesu………………………..….……………………………..15
4. UJesu, iNceku yaziNceku………………………………………......................20
5. Indlela, Iqiniso, Nokuphila….…………….………..................................25
6. Isithembiso soMoya Ongcwele....................................................31
7. UJesu, Umvini Woqobo…..……………………………………….……..........36
8. Uthando Lobuzalwane…………..…………..............................................41
9. Umsebenzi kaMoya Ongcwele……………………………………….……....46
10. UKristu Ukhulekela Abafundi Bakhe (1)………………….....................52
11. UKristu Ukhulekela Abafundi Bakhe (2).......................................57
12. Ukumangalelwa kukaKristu……….…................................................62
13. USimoni Peter…….……...........................................................................67



**Contacts: Telephone & Fax +27 011 838 0265,**

**Website: www.sdarmsa.org.za ,**

**Email: admin@sdarmsa.org.za**

**POSTMASTER: P. O. Box 7950, Johannesburg, 2000**

# Isingeniso

"Njengoba siqhubeka *ngeziFundo Ezivela kwiVangeli Ngokuya Ngokuka-Johane,* siqala ukusondela ezinsukwini zokugcina zomsebenzi kaJesu emhlabeni. UMoya wesiProfetho uyasitshela, "kungaba kuhle kithi ukuchitha ihora ngosuku sizindla ngokuphila kukaKristu. Kufanele sithathe umcijo ngamunye, sivumele umcabango ubambe isehlakalo ngasinye, kakhulu esokugcina. Njengoba sigxila kumhlatshelo Wakhe omkhulu ngenxa yethu, ithemba lethu Kuye lizoqhubeka njalo njalo, uthando lwethu luzovuswa, futhi sizogcwala umoya Wakhe ngokwengeziwe. Uma singasindiswa ekugcineni, kufanele sifunde isifundo sokuzisola nokuthotshiswa ezinyaweni zesiphambano."-*The Desire of Ages,* p. 83

"Umpostoli ukhuluma *ngeZimpawu* zeqiniso njengoba zinjalo kuJesu Kristu, ukuguqukela enyameni kugcizelela ukuhlakanipha okungcwele, intando engcwele, namandla angcwele, Ngaye indlela yensindiso yavulwa futhi yabonakaliswa kubantu bonke. UJesu kukhulunywa Ngaye njengoMdali wezinto zonke, umthombo wokuphila, ukukhanya kwezwe, ukubonakaliswa okuphilayo kwengqondo kaBaba. Intando kaNkulunkulu "kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni"(2 Peter 3:9), ngokusebenza koMoya Ongcwele, kulethwa embonweni nguJohane, esiholela eGetsemane, lapho isiphelo sesizwe soluntu sanqunywa khona.

"Kuyabonakala ukuthi inhloso ebalulekile yalencwadi ukusiza amakholwa angamaKrestu lawo ahlakazekile, ayengenakho ukuxhumana noJesu uqobo futhi engenisa imibono yabahedeni, ukuhlangabezana *neZimpawu* zeqiniso, ukuKhanya kweqiniso. Enye yenhloso ebalulekile ezincwadini zikaJohane ukulungiselela amaKristu ngobubanzi ukubhekana nezingozi ezisongela ibandla ekupheleni kweminyaka eyikhulu: ukwesaba uNkulunkulu kokuqala kwasekuncipha (Isambulo 2:4) nokuthanda umhlaba kwakuthola indawo phakathi kwabantu bakaNkulunkulu (1 Johane 2:15). Inkolo yamanga njengeGnosticism yayisondela emhlambini. Inkolo yamaGnostic yayenqaba ukuthi uKristu waguqulelwa enyameni ngempela, ukuthatha isimo semvelo. Inkolo yeGnostic ifundisa abantu ukuthi abazange bambone uKristu, lokhu abakubonile isithunzi kuphela. Ngakho-ke, iqiniso elembulwe kuJohane 1:14 lalibalulekile ikakhulukazi ngalezozinsuku. Enye ingozi eyayisongela ibandla ukushushiswa okuvela kubabusi bamaRoma.

Akungabazeki ukuthi incwadi kaJohane ibelusizo olukhulu kumaKrestu ebandla lokuqala. Ibelusizo olukhulu kubalandeli bakaKristu ukwehlela phansi ezikhathini zonke-futhi ilusizo olukhulu kithi namuhla.

Kwangathi ukuhola kukaMoya kaNkulunkulu kunganikezwa kokubili othishela nabafundi njengoba siqhubekela phambili ukufunda loluhlu lwezifundo!

*Igatsha leSikolo seSabatha kwiGeneral Conference*

# Umnikelo weSabatha Lokuqala
## ISabatha, Ntulikazi 5, 2025

### Ibandla lase Arue eTahiti

Kaningi ihlanganiswa nobuhle bendawo eshisayo kanye nokubukeka okuhle okuzothile, isiqhingi saseTahiti simiswe eFrench Polynesia, indawo engaphesheya kolwandle lwaseFrance ehlanganisa iziqhingi ezingu 121 nomhlaba olinganiswa nge 1, 359 square miles 93, 418 kilometers), nobude obungaphezu kwe 1,242 square miles (2,000 Square Kilometers) kwi Southern Pacific Ocean.

Ngokomlando, inkolo yamapolytheistic yabahlali bakuleziqhingi eziningi yaholela abaningi ukusebenzisa ubuhedeni ngisho nokukhonza ilanga, amazimu-zimu kanye nenkolo yomoya. Ukufika kobuKrestu kwaletha inguquko ngenxa yemizamo yamaKristu babashumayeli abeza kuleziqhingi ngonyaka ka1797. AmaFrench kamuva ahlanganiswa kulendawo ngeminyaka yo 1800. Namuhla, phakathi kwenani elingu279, 000 yabahlali, I 54% ngamaProtestanti, 38% ngamaKatolika, abaseleyo balandela ezinye izinkolo.

Isigijimi seReform safika eFrench Polynesia ngonyaka ka1982 ngesivakashi somzalwane uA.C.Sas. Amalunga okuqala, kwaba imiphefumulo engu 24, abhajadiswa emva konyaka. Isigijimi sevangeli saqhubeka ukusakazwa eziqhingini futhi amabandla ambalwa akhiwa kusukela ngaleso sikhathi.

Ngeshwa kuze kube namuhla, ibandla lethu eFrench Polynesia alinaso isakhiwo sebandla okungelalo futhi abazalwane bethu bahlangana kwizakhiwo ezikhokhelwayo noma umhlaba wamalunga ongowabo. Ngomusa kaNkulunkulu, ngonyaka ka2013, emva komkhuleko omkhulu nokuzila ukudla, isiqephu somhlaba satholakala kwisifunda saseArue, cishe amakhilomitha angu 20 ukusuka ePapeete, eTahiti.

Inani elincane lamalunga alelibandla lithe lenza imizamo yokuzidela iminyaka eminingi, ngokupheka nokuthengisa ukudla kwemifino eluhlaza masonto wonke ukuze bathenge lomhlaba uma ngokungenzeka. Ngaphandle kwalesibonelo imizamo yabazalwane bethu nodade abasebenze kanzima ukukhokhela lomhlaba, kukhona isidingo esikhulu sesakhiwo ukusiza ukusakazwa kwesigijimi seqiniso lapha kulezinsuku zokugcina zembali yomhlaba.

Ngakho-ke siyacela kubazalwane bethu nodade emhlabeni wonke hlanganyelani nathi ekunikeleni ngemali ukuba siphakamise isakhiwo saseArue esizosebenza njengebandla lasendaweni kanye nendawo yamaseminar, amacamp meetings nomsebenzi wokufundisa ngezempilo kwidolobha laseFrench Polynesia.

Amazwi akhuthazayo atholakala ku 1 Korinte 22:19 aqondiswe kithi namuhla, “Sukani nakhe indlu engcwele kaJehova.” Kwangathi iNkosi ingabusisa ngokwanele futhi kwangathi umsebenzi Wayo ungaqhubekela phambili emhlabeni wonke jikelele.

*Abazalwane benu nodade baseFrench Polynesia.*

**ISABATHA, NTULIKAZI 5, 2025** **ISIFUNDO 1**

# UJesu, uSimoni, noMariya

**IVESI LEKHANDA: "Ngenxa yalokho ngithi kuwe: Izono zakhe eziningi zithethelelwe, ngokuba uthandile kakhulu; kepha othethelelwa okuncane uthanda kancane " (Luka 7:47).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 4, pp. 485-487, 550-552.

"UJesu uyazazi zonke izimeko zomphefumulo ngamunye. Ungathi, Ngiyisoni, isoni esikhulu. Ungaba yiso; kodwa njengoba umubi kakhulu, yilapho udinga kakhulu uJesu. Akaphendukeli okhalayo, noma axoshe ozisolayo. Akakhulumi komunye konke azokwembula, kepha uncenga wonke umphefumulo othuthumelayo ukuthi ubenesibindi. Ngesihle uzoxolela bonke abeza Kuye ukuba bathethelelwe futhi babuyiselwe."-*The Desire of Ages*, p. 568.

## 1. UKUVAKASHELA IBETHANIYA OKOKUGCINA — NgeSonto, Nhlangulana 29

**a. Chaza isimo esasikhona eJerusalema ngesikhathi sokuhambela kukaKristu eBhethaniya futhi lokhu kwaba nomfutho onjani kwabanye ababekhona edilini likaSimoni. Johane 11:55-57; Amahubo 55:21.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"USimoni waseBethaniya wayebalwa njengomfundi kukaJesu. Ubengomunye wabaFarisi abambalwa ababehlangana obala nabalandeli bakaKristu. Wamvuma uJesu njengothishela, enethembe lokuthi hleze angaba nguMesiya, kodwa wayengakamamukeli njengoMsindisi. Isimilo Sakhe sasingaphendulwanga; nezimiso zakhe zingaguqukanga."-Ibid., p. 557.

**b. Yisiphi isibusiso esikhulu uSimoni asithola, futhi wabonisa kanjani manje ukubonga kwakhe kuJesu-na? Luka 7:36.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"USimoni weyephukisiwe esifeni sochoko, futhi yilokhu okwamsondeza kuJesu. Wayefisa ukubonisa ukubonga kwakhe, futhi ukuvakasha kukaKristu kokugcina eBethaniya wenzela uMsindisi idili nabafundi Bakhe."-Ibid.

**a. Chaza okufihliwe, ngemuva kwalezi zingcawu zohlobo lwesimo esivame ukuba khona emibuthwaneni yomphakathi-nokuthi sabakhona kanjani kulesikhathi. Amahubo 55:21.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Lomkhosi waletha ndawonye amaJuda amaningi. Kwakukhona ngalesikhathi ukujabula okukhulu eJerusalema. UKristu nomsebenzi Wakhe waheha ukunaka okukhulu ukudlula ngaphambili. Labo ababeze emkhosini babheka eduze kakhulu ukwenza Kwakhe, futhi abanye babo bembheka ngamehlo angenamusa."-*The Desire of Ages,* p. 557.

**b. Landisa isenzo sikaMariya edilini likaSimiyoni. Luka 7:37, 38; Johane 12:3.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"UMariya walela ngokukhuthazela wonke amazwi aphuma emlomnyeni kaJesu. Ngomusa Wakhe, uJesu wathethelela izono zakhe, wabiza umfowabo amthandayo ukuba aphume ethuneni, nenhliziyo kaMartha yagcwala ukubonga. Wamuzwa uJesu ekhuluma ngokufa Kwakhe okuzayo, futhi ngothando olujulile nosizi wayelangazela ukumbonisa inhlonipho. Ngomnikelo wakhe omkhulu wathenga ibhokisi lelitra 'lamafutha enadi, elinenani elikhulu,' wagcoba ngawo umzimba Wakhe. Kodwa abaningi bathi wayesondele ukubekwa abeyinkosi. Usizi lwakhe lwaphenduka injabulo, futhi emaganga ukuba ngowokuqala ukuhlonipa iNkosi yakhe. Wavula ibhokisi lamafutha, wawathulula ekhanda nasezinyaweni zikaJesu; lapho, eguqile ekhala, ezimathisa ngezinyembezi zakhe, wesula izinyawo Zakhe ngezinwele zakhe ezinde, eziphephezelayo."-Ibid., pp. 558, 559.

**c. UJudasi wasamukela kanjani lesenzo-na? Johane 12:4, 5; Mathewu 26:8, 9.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"[UMariya] wazama ukugwema ukubonwa, futhi ukuhamba kwakhe ngabe kwadlulwa kungaqashelwa, kodwa iphunga lamakha alo lagcwalisa indlu yonke, futhi isenzo sakhe sezwakala kubobonke ababekhona. UJudasi wabheka lesenzo ngokudana okukhulu. Esikhundleni sokulinda ukuzwa ukuthi uKristu uthini ngalendaba, waqala ukuhleba nokukhononda kulabo abaseduze kwakhe, ezwakalisa isihlamba sakhe kuKristu ngobuhlungu benchithakalo enjalo. Ngobuciko wenza ukusongoza okuzobangela ukunganeliseki."-Ibid., p. 559.

## 3. INZONDO KA-JUDASI **Ngolwesibili, Ntulikazi 1**

**a. Ngokweqiniso kungani uJudasi agxeka isenzo sikaMariya sokugcoba izinyawo zikaJesu-na? Johane 12:6.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UJudasi wayengumgcini wezimali zabafundi, futhi kulesikhwama sabo esincane wayezithathela ngasese ukuba ayisebenzisele yena, ngaleyondlela wayenciphisa izinsiza zabo kungasali lutho. Wayezimisele ukufaka esikhwameni konke angakufumana. Ingcebo esesikhwameni njalo yayienzelwa ukukhulula abampofu; futhi uJudasi lokhu wayebekubheka njengoku-ngabalulekile okukuthengwayo, wayethi, kwenzelwani incitho-na? Kungani inani lawo lingafakwa esikhwameni sokunakekela abampofu-na? Manje isenzo sikaMariya sasingafani kakhulu kumuntu onomoya wobugovu wabekwa ehlazweni; futhi ngokwesiko lakhe, wafuna ukunikeza isisusa esifanele sokuphikisa kwakhe isipho sakhe. Ephendukela kubafundi, wabuza, kungani amafutha angathengiswa ngawodenariyo abangamakhulu amathathu, kunikezwe abampofu-na? Lokhu wakusho, kungesikho ukuthi wayenakekela abampofu, kodwa ngenxa yokuthi uyisela, futhi isikhwama sikuye, futhi wembula okungaphakathi kwaso.' UJudasi ubengenayo inhliziyo yabampofu. Uma ngabe amafutha kaMariya athengiswa, nemali yawela ezandleni zakhe, abampofu bebengeke bazuza kuso."-*The Desire of Ages,* p. 559.

**b. Abafundi bambheka kanjani uJudasi-futhi yena ngokwakhe wazibheka kanjani-na? Johane 13:29.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UJudasi wayenomcabango ophakeme ngekhono lokuphatha kwakhe. Njengomphathi wezimali wazibona ephakeme kakhulu kunabafundi bakhe, futhi ebaholela ukuba bambheke ngendlela yokukhanya okufanayo. Wayethole ukuzethemba kwabo, futhi waba nomfutho onamandla phezu kwabo. Ukufakazela kwakhe kozwelo maqondana nabampofu wayebakhohlisa, futhi belizwi lakhe kwabangela ukuba babheke ukuzinikela kukaMariya njengongathembeki."-Ibid., p. 559, 560.

**c. Chaza ukuthi kuyini okuvame ukuqhuba labo ababubula kwabanye bethule-nokuthi kungathinta kanjani imiphefumulo ebuthakathaka eqondiswe kubo. Juda 1:16.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UMariya wezwa amazwi okusola. Inhliziyo yakhe yathuthumela ngaphakathi kwakhe. INkosi, Nayo, ingase icabange yini ngaye ukuthi uyahlaphaza. Ngaphandle kokuxolisa noma abeke izaba wathothobala."-Ibid., p. 560.

**a. USimoni waphatheka kanjani ngokuzidla kobuFarisi bakhe nangesenzo sikaMariya-futhi wamehlulela kanjani uJesu-na? Luka 7:39.**

________________________________________________________________________

"USimoni owayenomcimbi ezungezwe umfutho wokusola kukaJudasi ngesipho sikaMariya, futhi wamangalela ukuziphatha kukaJesu. Ukuziqhenya kwakhe kobuFarisi kwacunulwa….

"Ngokwelapha uchoko lukaSimoni, uKristu wamsindisa ekufeni okuhlalayo. Kodwa…ngoba uKristu wavumela owesifazane ukuba asondele Kuye, ngoba engazange ngokweyisa amenyanye njengalowo izono zakhe ziziningi ukuba zingaxolelwa, njengokuba engazange abonisa ukuthi uyaqonda ukuthi uwile, uSimoni walingeka ukucabanga ukuthi uKristu akayena umprofethi."-*The Desire of Ages*, pp. 566.

**b. Lwazi luni lokuphila okusondelene kukaSimoni noMariya uJesu akwembula-na? Luka 7:40-43. UJesu wakhuza kanjani uSimoni, futhi kungani-na? Luka 7:44-46.**

________________________________________________________________________

"[USimiyoni] akazange aqonde ukuthi iNdodana kaNkulunkulu kufanele yenze ngendlela kaNkukunkulu, ngozwelo, ngobumnene, nangomusa. Indlela kaSimoni ukungaqapheli inkonzo yokuphenduka kukaMariya. Isenzo sakhe sokwanga izinyawo zikaKristu nokuzigcoba ngamafutha kwakhungathekisa inhliziyo yakhe elikhuni. Wacabanga ukuthi uma uKristu ubengumprofethi, ubezobona izoni futhi azikhuze….

"Njengoba enza uNathani kuDavide, uKristu wathukusa ikhaya Lakhe ngaphansi kwesembozo somfanekiso. Waletha esixukwini Sakhe umthwalo wokumemezela isigwebo phezu kwakhe. USimoni nguyena owaholela owesifazane esonweni njengoba esemzonda manje. Owesifazane wangena ngokujulile esiphambekweni ngenxa yakhe….Kepha uSimoni wazizwa elunge kakhulu kunoMariya, futhi uJesu wayefisa ukuba abone ukuthi isono sakhe sikhulu kangakanani ngempela. Uzombonisa ukuthi isono sakhe sikhulu kunowesifazane."-Ibid., p. 566, 567.

**c. AmaJuda aphendula kanjani lapho uJesu ethi kuMariya izono zakhe zithethelelwe-na? Luka 7:48, 49. Umfanekiso kaKristu waba nomphumela onjani enhliziyweni kaSimoni-na?**

________________________________________________________________________

"USimoni manje waqala ukuzibona ngokukhanya okusha. Wabona ukuthi uMariya wayenakwa yiLowo owayumkhulu kunomprofethi. Wabona ukuthi unamandla okubona ngeso lomprofethi uKristu ofunda inhliziyo yakhe yothando nokuzinikela. Amahloni asuswa phezu kwakhe, futhi wabona ukuthi uphambi kobukhona baLowo ophakeme kunaye."-Ibid., p. 567.

## 5. UKUGUQULWA KUKA-SIMONI — Ngolwesine, Ntulikazi 3

**a. Ukungaqiniseki ngomphumela ongabonakali kithi, kungani sikhuthazwa ukuba sikhulume ngokungesabi nezoni ezinjengo-Simoni-na? Izaga 9:8; Jakobe 5:20.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Lapho uMariya eyisoni esithethelelwe, [uSimoni] ubeyisoni esingathethelelwe. Umyalo oqinile wobulungiswa ayefisa ukuwucindezela maqondana naye wamsola.

"USimoni wathinteka ngobumnene bukaJesu bokuthi angamsoli ngokusobala phambi kwezihambi. Akaphathwanga ngendlela abefisa uMariya aphathwe ngayo. Wabona ukuthi uJesu akafisi ukwembula isono sakhe kwabanye, kepha wafuna amazwi ngempela ecala ukugculisa ingqondo yakhe, kodwa ngomusa onozwelo wathobisa inhliziyo yakhe. Ukudalulwa okunzima bekuzoba lukhuni kuSimoni ukumelana nenguquko, kepha umyalo omnene wamenza wavuma iphutha lakhe. Wabona ubukhulu becala alenzile eNkosini Yakhe. Ukuzigabisa Kwakhe kwathotshiswa, waphenduka, uMFarisi ozidlayo wathobeka, umfundi ozidelayo."-*The Desire of Ages,* pp. 567, 568.

**b. Kuyini uJesu akusho ngesenzo sikaMariya, futhi yimaphi amagama akhuthazayo awakhuluma kuye-na? Mathewu 26:12, 13; Luka 7:50.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UMariya wayebhekwa njengesoni esikhulu, kodwa uKristu ubezazi izimeko ezabumba ukuphila Kwakhe. Ngabe wacima yonke inhlansi yethemba emphefumulweni wakhe, kodwa akwakwenzanga lokho. Nguyena owamphakamisa ekudangaleni nasekonakaleni. Izikhathi eziyisikhombisa emuzwa ekhuza amadimoni alawula inhliziyo yakhe nengqondo. Uzwile ukukhala Kwakhe okunamandla kuYise ngenxa yakhe. Ubazi ukuthi isono senyanyeka kanjani ekuhlanzekeni Kwakhe okungangcoliswanga, futhi ngamandla Akhe uthe wanqoba."-Ibid., p. 568.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ntulikazi 4

1. **Ekuhambeni kwami noNkulunkulu, ngingazijwayeza kanjani ubuhle bukaMariya-na?**
2. **Yisiphi isixwayiso okufanele ngisithathe ukuqaphela ukuziphatha kukaJudasi edilini-na?**
3. **Ngingagwema kanjani umgodi wemicabango kaSimoni eyamholela kuwo-na?**
4. **Kunini lapho amazwi kaKristu enduduzo kuMariya asebenza ekuphileni kwami-na?**
5. **Kuyini engingakufunda indlela uJesu abonisa ngayo uSimoni iphutha lakhe-na?**

# Ukungena Ngokunqoba

**“IVESI LEKHANDA: “Yishoni kuyo indodakazi yaseSiyoni ukuthi: Bheka, iNkosi yakho iza kuwe, imnene, ikhwele embongolweni, yebo, etholeni, inkonyane yesilwane esiboshelwayo” (Mathewu 21:5).**

**Incwadi Enikeziwe**: *The Desire of Ages*, pp. 569-579.

“UKristu wazela ukusindisa iJerusalema nabantwana balo; kodwa ukuzigabisa kwabaFarisi, ukuzenzisa, umona, nenzondo kwamvimbela ukuba aphelelise inhloso Yakhe.”-*The Desire of Ages,* p. 577.

## 1. ENTABENI YEMI-NQUMO — NgeSonto, Ntulikazi 6

**a. Lapho uJesu nababfundi Bakhe befika eJerusalema, yimuphi umyalo athuma ngawo ababili phambili-na? Mathewu 21:1-5.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

“UJesu wathuma abafundi Bakhe ababili ukuba balethe Kuye imbongolo kanye nethole layo. Ekuzalweni Kwakhe uMsindisi wayencike ekungenisweni ngabafokazi. Umkhombe abelele Kuwo bekuyindawo yokuphumula ebolekiwe. Manje, noma izinkomo ezisezintabeni eziyizinkulungwane zingeZakhe, wayencike emseni wabafokazi ngesilwane azongena ngaso eJerusalema njengeNkosi.”-*The Desire of Ages,* pp. 569, 570.

**b. Chaza isenzo sabafundi. Mathewu 21:6, 7.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

“Abafundi, ngentshiseko enkulu, bendlala izambatho zabo esilwaneni, futhi babeka iNkosi yabo phezu kwaso. Ngaphambili uJesu wayehamba ngezinyawo, futhi abafundi ekuqaleni bamangala manje ukuthi ukhethe ukugibela imbongolo. Kodwa ithemba lakhanyisa ezinhliziyweni zabo umcabango ojabulisayo wokuthi uzongena kwinhloko-dolobha, ezisho ukuthi uyiNkosi, futhi aqinise amandla Akhe obukhosi.”-Ibid., p. 570.

## 2. UMZUZU WENTOKOZO — NgoMsombuluko, Ntulikazi 7

**a. Lapho isixuku sizwa ukuthi uJesu uyeza eJerusalema, kuyini esakwenza-na? Johane 12:12, 13.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Lapho [abafundi] besemsebenzi wabo babekhuluma ngalokhu okulindelwe ngemfudumalo kubangane bakaJesu, futhi injabulo yasabalala kude naseduze, bephakamisa okulindelwe abantu ngenhlokomo enkulu."-*The Desire of Ages,* p. 570.

**b. Kuyini okwaholela isixuku ukuba sidumise uJesu njengoMesiya kulowo mcimbi ojabulisayo-na? Zakariya 9:9; Johane 12:14, 15.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"UJesu wayelandela usiko lwamaJuda lokungena ngobukhosi. Isilwane ayesigibele yileso esasikhwelwa amakhosi akwaIsrayeli, futhi isiprofetho sabikezela ngaphambili ukuthi kanjalo uMesiya kufanele angene embusweni Wakhe. Ngokushesha wahlaliswa phezu kwembongolo ukukhamuluka okukhulu kokunqoba kwaqhasha emoyeni. Isixuku sammemezela njengoMesiya. INkosi yabo. UJesu manje wamukela inkonzo leyo ngaphambili angazange ayivumele, futhi abafundi bamukela lokhu njengobufakazi bamathemba abo aphakeme kwakufanele asekelwe ngokuMbona ebekwa esihlalweni."-Ibid.

**c. Abantu bazimisela kanjani ukukhululwa okwazwakaliswa ngenjabulo yamazwi omhlabeleli-na? Mathewu 21:9; Amahubo 118:26.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Ixuku labantu laqinisekiswa ukuthi ihora lenkululeko yabo lifikile. Ngomcabango babebona umbutho wamaRoma ukhishelwa ngaphandle kweJerusalema, futhi uIsrayeli uzoba isizwe esikhululekile futhi. Bonke babejabulile futhi benamile; abantu babephikisana omunye komunye ekumkhonzeni. Babengeke babonakalise ngaphandle ubukhulu nobukhazikhazi, kepha bamnika ukukhululeka kwezinhliziyo ezijabulile. Behluleka ukumupha izipho ezibizayo, kodwa bendlala izambatho zabo zangaphandle njengekhaphethi endleleni Yakhe, futhi bendlala amagatsha amaqabunga amafutha omnqumo nangesundu endleleni. Babengahola udwendwe olunqobayo ngaphandle kwezinga lasebukhosini, kodwa banquma amagatsha esundu, uphawu lweMvelo yokunqoba, futhi bewaphakamisea phezulu ngokumemeza okukhulu nange-hosana."-Ibid.

## 3. UKUGCWALISEKA KWESIPROFETHO — Ngolwesibili, Ntulikazi 8

**a. Abanye babaFarisi basabela kanjani kumbono wokudunyiswa kukaKristu-na? Johane 12:19; Luka 19:39.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"AbaFarisi abaningi bafakazela lesehlakalo, futhi, bevutha umona nenzondo, bazama ukuguqula umuzwa ovamile nokhona. Ngegunya labo lonke bazama ukuthulisa abantu; kodwa ukuncenga kwabo nokusongela kwakhulisa kuphela ukushiseka kwabo. Besaba ukuthi lesixuku, ngobukhulu benani laso, bangabeka uKristu abeyinkosi. Njengecebo lokugcina bacindezela phakathi kwesixuku baqonda lapho uJesu ekhona, futhi bamsola ngamazwi asongelayo: Nkosi, khuza abafundi Bakho.' Besho ukuthi umsindo ongaka awukho emthethweni, futhi angeke wavunyelwa yiziphathimandla."-*The Desire of Ages*, p. 572.

**b. Yimpendulo enjani uJesu abanikeza yona-na? Luka 19:40.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Isehlakalo sokunqoba bekuyindlela ekhonjwe nguNkulunkulu. Sabikezelwa ngumprofethi, futhi umuntu wayengenamandla okubekela eceleni inhloso kaNkulunkulu. Uma abantu baye behluleka ukuphumelelisa icebo Lakhe, ngabe wanikeza izwi kumatshe angezwa, ngabe amemezela iNdodana Yakhe ngenhlokomo yendumiso."-Ibid., p. 572.

"Futhi kungenzeka abapristi nababusi bazame ukuvimbela umhlaba ubuso obukhazimulayo belanga, njengokuvalela ngaphandle imisebe yenkazimulo evela kwiLanga Lokulunga. Naphezu kwako konke ukuphikisana, umbuso kaKristu wavunywa ngabantu."-*God's Amazing Grace,* p. 47.

"Umsebenzi kaNkulunkulu uzoqhubekela phambili, naphezu kwakho konke abantu abangakwenza ukuwuvimbela noma ukuwucekela phansi."-*The Story of Jesus,* p. 85.

**c. Lokuvezwa okumangalisayo kwagcwalisa kanjani isiprofetho, njengoba sabonwa ngabaningi esixukwini-na? Zakariya 9:9.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Lapho abaFarisi abathulisiwe babuyela emuva, amazwi kaZakariya amukelwa ngamaphimbo angamakhulu. [Zakariya 9:9 ngokuphindwa.]"-Ibid., p. 572-575.

**a. Kungayiphi inhloso uJesu avumela lesibonakaliso esikhulu ngosuku lokungena Kwakhe ngokunqoba eJerusalema-na? Johane 12:16, 23-28.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Akukaze kwenzeke ekuphileni Kwakhe kwasemhlabeni uJesu avumele umbukisa onjalo. Wabonela phambili ngokusobala umphumela wakho. Kwakuzomletha esiphambanweni. Kodwa bekuyinhloso Yakhe ukuthi phambi kwabantu azibonakalise njengoMhlengi. Wafisa ukuthatha ukunaka umhlatshelo ozoklomelisa umsebenzi Wakhe emhlabeni owileyo. Lapho abantu behlangene eJerusalema ukugubha iPhasika, Yena, iWundlu loqobo, ngesonzo sokuzithandela wazibeka ngoKwakhe eceleni njengomnikelo. Kuyadingeka ebandleni Lakhe ezikhathini zonke ngokulandelana kwazo ukwenza ukufa Kwakhe ngenxa yezono zomhlaba ube yisihloko somcabango ojulile kanye nokufunda. Wonke amaqiniso ahlangene nawo kufanele aqinisekiswe ngaphandle kokungabaza. Kwakubalulekile, ngaleso sikhathi, ukuthi amehlo abantu bonke manje aqondiswe Kuye; izehlakalo ezandulela umhlatshelo Wakhe omkhulu kumele kubeyizo ezibizela ukunaka kumhlatshelo ngempela. Emva kombukiso onjalo nesenzo esenzeka ekungeneni Kwakhe eJerusalema, wonke amehlo azolandela uhambo Lwakhe ngokushesha kuze kufinyelele kwisehlakalo sokugcina.

"Izehlakalo ezihlangene nokungena kokunqoba kuzoba undaba-mlonyeni, futhi kuzoletha uJesu phambi kwezingqondo zonke. Emva kokubethelwa Kwakhe, abaningi bazokhumbula lezehlakalo bahlanganise ukuthethwa kwecala Lakhe nokufa Kwakhe. Bazoholelwa ekuhloleni iziprofetho, futhi bazovuma ukuthi uJesu unguMesiya; futhi ezindaweni zonke abaphendukela ekukholweni bazophinda-phindeka."-*The Desire of Ages,* p. 571.

**b. Ngokumangazayo, kuyini uJesu akwenza lapho ebheka ngokuphelele lomuzi-futhi kungani-na? Luka 19:41-44.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Phakathi kwesehlakalo sokujabula, lapho bonke besondela khona ukukhonza, iNkosi yamaIsrayeli yayikhala, kungesizo izinyembezi zenjabulo, kodwa izinyembezi kanye nokububula kosizi olungenakuvinjelwa. Isixuku sathuswa ukuhwaqabala okuzumayo. Ukumemeza kwabo kwathuliswa. Abaningi bakhala bezwelana nosizi abangeke baluqonda.

"Izinyembezi zikaJesu bezingalindele umzindlo wokuhlupheka Kwakhe….bekungenxa yokubheka iJerusalema okwahlaba inhliziyo kaJesu-IJerusalema elenqaba iNdodana kaNkulunkulu futhi ladelela uthando Lwakhe, lenqaba ukuqinisekisa izimangaliso Zakhe ezinamandla, futhi lalifuna ukuthatha ukuphila Kwakhe. Wabona ukuthi lalinecala lokwenqaba uMhlengi walo."-Ibid., p. 576.

## 5. UKUFIKA E-JERUSALEMA — Ngolwesine, Ntulikazi 10

**a. Njengoba uJesu engena eJerusalema, yimuphi umbuzo ababusi abawuletha futhi impendulo enjani abayithola phakathi komsindo-na? Mathewu 21:10, 11.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Lapho udwendwe selizokwehla eNtabeni yeMinqumo, lavinjelwa ngababusi. Babuza imbangela yomsindo wenjabulo. Lapho besabuza, 'Ngubani lona-na? Abafundi, begcwaliswe ngomoya ongcwele, baphendula lombuzo. Ngephimbo elisobala bephinda iziprofetho eziphathelene noKristu."-*The Desire of Ages,* pp. 578.

**b. Lapho uJesu esefikile edolobheni, kuyini akwenza ethempelini-na? Mathewu 21:12-16; Amahubo 8:2.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Iminnyaka emithathu ngaphambili, ababusi ethempelini babenamahloni ngokubaleka kwabo phambi kokukhuza kukaJesu. Babelokhu bemangalela ukwesaba kwabo, kanye nokulalela kwabo ngokungathembi uMuntu oyedwa othobekile. Babenomuzwa wokuthi akunakwenzeka ukuthi ukuzinikela kwabo ngokungafanele kungaphindeka. Kodwa manje babenovalo ukudlula isikhathi esedlule. Futhi ngokushesha okukhulu balalela ukuyala Kwakhe. Akukho noyedwa owabanakhu ukubuza ngegunya Lakhe. Abapristi nabahwebayo babaleka ebukhoneni Bakhe, beqhuba izinkabi zabo phambi kwabo….

"Lapho isixuku sibaleka ethempelini, abaningi babesasele ngemuva. Labo manje bahlanganiswa nabasanda-kufika. Futhi igceke lethempeli lagcwala abagulayo kanye nabafayo, futhi uJesu waphinde wabaduduza."-Ibid*.,* pp. 591, 592.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ntulikazi 11

1. **Sasinjani isimo sokuziphatha kwabaFarisi esivame ukuphindwa namuhla-na?**
2. **Kuyini okuphawula labo abahlonipha uKristu njengeNkosi ethenjisiwe-na?**
3. **Kuyini mhlawumbe okungabangela uJesu ukuba akhalele mina njengoba enza kulo i-Jerusalema?**
4. **Isiprofetho sikaZakariya 9:9 sagcwaliseka kanjani kulesikhathi-na?**
5. **Kungani uKristu avumela kakhulu ukuhalaliswa ngabantu bonke ngalesikhathi-na?**

# Sifuna Ukubona UJesu

**IVESI LEKHANDA "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi, ihlala yodwa; kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi"(Johane 12:24).**

**Izincwadi Ezinikeziwe**: *Christ's Object Lessons,* pp. 80-89.

"Kuphela ngokufa kukaKristu umbuso kaSathane ongachithwa ngayo. Umuntu angahlengwa kanjalo, futhi uNkulunkulu akhazimuliswe."-*The Desire of Ages*, p. 624.

## 1. ABAVELA EMPUMALANGA NASE-NTSHONALANGA — NgeSonto, Ntulikazi 13

**a. Ngubani owafuna uJesu ekuzalweni Kwakhe-ekuqaleni kokuphila Kwakhe-futhi kuyini abakuletha Kuye-na? Mathewu 2:1, 2, 10, 11.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

**b. Manje, ngubani owafuna uJesu ekupheleni komsebenzi Wakhe, futhi ngubani ababemfanekisa-na? Johane 12:20. Kuyini esingakufunda kulokhu-na? Mathewu 8:11.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lamadoda [AmaGreki athile] ayevela entshonalanga ukubona uMsindisi esondela ekugcineni kokuphila Kwakhe. Njengoba izazi zaseMpumalanga zabonakala ekuqaleni komsebenzi Wakhe. Ngesikhathi sokuzalwa kukaKristu abantu abangamaJuda babegxile kakhulu kwizinhlelo zabo zokuvelele abazange bazi ngokuBonakala Kwakhe. Izazi ezivela ezweni lobuhedeni zafika emkhombeni ziphethe izipho zazo, ukudumisa uMsindisi. Kanjalo lamaGreki, amela izizwe, izilimi, nabantu emhlabeni, eza ukubona uJesu. Kanjalo abantu emhlabeni wonke nasezikhathini zonke bazodonselwa esiphambanweni soMsindisi….

"Abanye babelinganisa, futhi bhambisa umbiko, wokuthi waxosha abapristi nababusi ethempelini, nokuthi wayezothatha ifa lesihlalo sobukhosi sikaDavide, abuse njengenkosi yakwaIsrayeli. AmaGreki afisa ukwazi iqiniso maqondana nomsebenzi Wakhe."-*The Desire of Ages*, pp. 621, 622.

## 2. UKULANGAZELA OKOMHLABA — NgoMsombuluko, Ntulikazi 14

**a. AmaGreki agcizelela kanjani isifiso sabo-na? Johane 12:21.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

**b. Chaza ukwenza uJesu akuqonda ngesicelo nokuthi inhliziyo yakhe yaphendula kanjani kuso. Johane 12:22, 23.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

“Lapho uJesu ezwa isicelo esiqabathekile, ‘Sifuna ukubona uJesu,’ wezwa isikhalo sokulamba kwezwe, ubuso Bakhe bakhanya, futhi Wathi, ‘Ihora lifikile, lokuthi iNdodana yomuntu ikhazimuliswe.’ Ngesicelo samaGreki wabona isiqinikeko somphumela womhlatshelo Wakhe omkhulu.”-*The Desire of Ages*, p. 621.

“Lapho isicelo silethwa kuJesu, wayephakathi kwaleyo-nxenye esethempelini ngaphandle kwamaJuda ayekhishelwe ngaphandle, kodwa waya kumaGreki angaphandle kwegceke, futhi wakhulumisana nawo eyedwa.”-Ibid., p. 622.

**c. Kungayiphi indlela ukunaka okunesihawu kukaKristu ekusabeleni kulezihambi okungasikhuthaza nathi-na? Amahubo 86:14.**

____________________________________________________________________________

_________________________________________________________________________

“Kufanele senze yonke imizamo yokuhambisa ulwazi lweqiniso kubo bonke abazolilalela, futhi baningi abazolalela. Bonke emadolobhebi ethu amakhulu uNkulunkulu unemiphefumulo ethembekile enentakazelelo yokwazi ukuthi liyini iqiniso….Phinda lomyalezo, phinda lomyalezo, kungamazwi akhulunywa kaningi-ningi. Tshela abantu Bami ukuthi baphinde umyalezo ezindaweni lapho lashunyayelwa khona okokuqala. Futhi ibandla nebandla lithe lathatha isikhundla salo sokuma eqinisweni, amandla kaNkulunkulu afakazela umyalezo ngendlela emangalisayo.”-*Evangelism,* p. 394.

“Asitshelwa ukuthi kufanele senze umbukiso okhethekile, omangalisayo. Iqiniso kumele limenyezelwe emigwaqeni emikhulu nasezimpambanweni zezindlela, kanjalo umsebenzi mawenziwe ngezindlela ezihlakaniphile, nangezinhlelo eziphusile….Umsebenzi owenziwe nguKristu emhlabeni wethu kufanele ube yisibonelo sethu, futhi sihambele kude nombukiso. Kufanele sibhekele kude ishashalazi kakhulu njengoKristu agcina umsebenzi Wakhe. Ukubanga ivuso akuyona inkolo, yize inkolo igcizelela okwayo okuhlanzekile, okungcwele, okukhulisayo, umfutho ongcwelisayo, iletha ukuphila kwesimoya, nensindiso.”-Ibid., p.396.

## 3. UKUPHILA OKUNIKEZWE NGOKUFA — Ngolwesibili, Ntulikazi 15

**a. Kuqhathanisa kuni uJesu akwenza phakathi kohlamvu lukakolweni kanye nomsebenzi Wakhe-na? Johane 12:24.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Imbewu egqitshwe emhlabathini iletha isithelo, futhi kamuva siyatshalwa futhi. Kanjalo isivuno siyaphinda phindwa. Futhi ukufa kukaKristu esiphambanweni saseKhalvari kuzoveza isithelo sokuphila okuphakade. Ukucabanga ngalomhlatshelo kuzoba inkazimulo kulabo, njengezithelo zawo, bazophila iminyaka engunaphakade.

"Uhlamvu lukakolweni olugcina ukuphila kwalo angeke lathela isithelo. Lihlala lodwa. UKristu unakho, uma ethanda, ukuzisindisa ngoKwakhe ekufeni. Kodwa uma eKwenza lokho, kufanele aHlale yedwa. Angeke aletha amadodana namadodakazi kuNkulunkulu. Kuphela ngokunikela ukuphila Kwakhe angakwazi ukunikela ukuphila oluntwini. Kuphela ngokuwela emhlabathini afe angaba imbewu yesivuno esikhulu-iningi elingenakubalwa elivela ezizweni zonke, imindeni, izilimi, nabantu, lihlengiwe kuNkulunkulu."-*The Desire of Ages*, p. 623.

**b. Yisiphi isicelo sesibili uJesu asenza ngomfanekiso wembewu-na? Johane 12:25, 26.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Bonke abazoletha isithelo njengezisebenzi ezisebenza ndawonye noKristu kufanele bawele kuqala emhlabathini futhi bafe. Ukuphila kufanele kulahlwe emseleni wesidingo somhlaba. Ukuzithanda, intakazelelo yakho, kufanele kupheliswe. Futhi umthetho wokuzidela ngumthetho wokuzilondoloza. Umlimi ugcina imbewu yakhe ngokuthi ayisakaze. Kanjalo nokuphila komuntu. Ukunikeza kungukuphila. Ukuphila okuzolondolozwa kungukuphila lokho okunikelwe ngesihle emsebenzini kaNkulunkulu nakubantu. Labo ngenxa kaKristu banikela ukuphila kwabo kulomhlaba bazokugcina kuze kube sekuphileni okuphakade.

"Ukuphila okuchithwa ngokuzifunela kufana nokudla okusahlamvana. Kuyanyamalala, kodwa akwandi. Umuntu angabuthela konke ngokwakhe; angaphila futhi acabange futhi azicebise ngokwakhe; kodwa ukuphila kwakhe kuyadlula, futhi akunalutho. Umthetho wokuzikhohlisa umthetho wokuzibhubhisa.

"[UJohane 12:26 ngokuphindwa.] Bonke abathwala noJesu isiphambano somhlatshelo bazoba ngabahlanganyeli benkazimulo Yakhe. Bekungukujabula kukaKristu ekuthotshisweni nasebuhlungwini ukuthi abafundi Bakhe bakhazimuliswe Ngaye. Bayizithelo zokuzidela Kwakhe."-Ibid., pp. 623, 624.

**a. Yimuphi umkhuleko uJesu anikela ngawo njengoba ecabanga ngokufa Kwakhe esiphambanweni-na? Johane 12:27, 28 (isigaba sokuqala).**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Ngokuthemba uKristu wayeseqalile ukuphuza indebe yobuhlungu. Ubuntu Bakhe bancipha ngehora lokushiywa, lapho konke okubonakalayo wayezoshiywa nanguNkulunkulu uqobo, lapho bonke bezombona eshaywa, eshaywe nguNkulunkulu, futhi ehlushwa. Wancipha ekubonweni ngabantu, nokuba aphathwe njengesigebengu esikhulu kunazo zonke, ngokufa okuyihlazo nokudumazayo. Ukuthwala impikiswano namandla obumnyama, umcabango womthwalo osabekayo wokona kwabantu, nolaka lukaBaba ngenxa yesono esabangela umoya kaJesu uquleke, futhi ukuphaphatheka kokufa kwagcwala ebusweni Bakhe.

"Kwase kufika ukuzithoba okungcwele kwentando kaBaba Wakhe. 'Ngenxa yalokhu,' Wathi, ngize ngafika kulelihora. Baba, khazimulisa igama Lakho.' Kungenxa yokufa kukaKristu umbuso kaSathane unganqotshwa ngawo. Yindlela kuphela umuntu angahlengwa ngayo, futhi uNkulunkulu akhazimuliswe. UJesu wavuma ubuhlungu, wamukela umhlatshelo."-*The Desire of Ages,* p. 624.

**b. Ngeyiphi impendulo eyezwakala ivela ezulwini-na? Johane 12:28 (isigaba sokugcina). Isixuku esasimile sathini-na? Johane 12:29.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Njengoba izwi lizwakala, ukukhanya kuthwashuka kuvela efwini, kwazungeza uKristu, kungathi izingalo zaMandla Angapheliyo ziphonseleka Kuye ukumzungeza njengodonga lomlilo. Abantu babheka lesehlakalo ngokwesaba nangokumangala. Akukho noyedwa owazama ukukhuluma. Ngezindebe ezithule nomoya ofuywayo bonke bemi amehlo abo ebheke kuJesu. Ubufakazi bukaBaba bunikeziwe, ifu laphakama, lahlakazeka ezulwini. Ngoba isikhathi senhlangano ebonakalayo phakathi kukaBaba neNdodana siphelile.

"'Ngakho-ke abantu, ababemi eduzane, bakuzwa, bathi kuyaduma: abanye bathi, ingelosi ikhuluma Naye.' Kodwa amaGreki ayefuna ukwazi alibona ifu, alizwa izwi, bqonda nencazelo yalo, futhi akwazi ukuhlukanisa uKristu ngempela; kubona wembulwa njengoThunywe nguNkulunkulu.

"Izwi likaNkulunkulu lezwakala lapho uJesu ebhapathizwa ekuqaleni komsebenzi Wakhe, futhi ekuguqulelweni Kwakhe enyameni entabeni. Manje ekupheleni komsebenzi Wakhe lezwakala okwesithathu."-Ibid., p. 625.

## 5. UKUNGAKHOLWA KWAMA-JUDA — Ngolwesine, Ntulikazi 17

**a. Ngaphandle kokubheka izimangaliso eziningi uJesu azenza-kanye nezwi elaphinda lezwakala livela ezulwini-iningi lamaJuda lasabela kanjani Kuye-na? Johane 12:37-41.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UJesu ukhulume iqiniso elizothile maqondana nesimo samaJuda. Wenzile isicelo Sakhe sokugcina, futhi wamemezela isiphelo sabo. Manje uNkulunkulu futhi ubekile uphawu Lwakhe emsebenzini weNdodana Yakhe. Wayeqonda Lowo uIsrayeli amenqaba. 'Lelizwi alizanga ngenxa Yami,' kusho uJesu, 'kodwa ngenxa yenu.' Bekungubufakazi bomqhele wobuMesiya Bakhe, uphawu olusuka kuBaba lokuthi uJesu uthe ukhulumile iqiniso, futhi uyiNdodana kaNkulunkulu."-*The Desire of Ages,* p. 625.

"Ngaphambili babuza uMsindisi, 'Pho wenza sibonakaliso yini ukuba sibone sikholwe Nguwe-na? Johane 6:30. Izibonakaliso eziningi zinikeziwe; kodwa bavalile amehlo abo futhi baqinisa izinhliziyo zabo. Manje njengoba uBaba Uqobo ekhulumile, futhi angeke bafune esinye isibonakaliso, kodwa baqhubeka ukwenqaba ukukholwa Nguye."-Ibid., p. 626.

**b. Sixwayiswa kanjani ngezenzo zabanye ababusi, nangaphandle kokuthi baqinisekiswa ukuthi umsebenzi kaKristu uyiqiniso-na? Johane 12:42, 43.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Babethanda ukudunyiswa ngabantu esikhundleni sokwamukelwa uNkulunkulu. Ukuze bazisindise ekusolweni nasehlazweni, bamenqaba uKristu, benqaba nomnikelo wokuphila okuphakade. Futhi bangakhi kumakhulu eminyaka abalokhu benza okufanayo."- Ibid.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ntulikazi 18

1. **Kuyini ababefuna ukuzalwa kukaKristu futhi manje amaGreki kuyini akuphawula-na?**
2. **Ingabe umfanekiso kakolweni usebenza kanjani ekuphileni kwami-na?**
3. **Ngingahlukanisa kanjani izwi likaNkulunkulu lapho abaningi becabanga ukuthi ukuduma-na?**
4. **Kwesaba kuni nokukhathazeka kwababusi bakwaJuda okufanele ngikugweme-na?**
5. **Chaza ukusetshenziswa okukabili kohlamvu lukakolweni olufakwa emhlabathini.**

# UJesu, Inceku Ye-Zinceku

**IVESI LEKHANDA: "Ngokuba ngininikile isibonelo ukuba nenze nani njengokuba ngenzile kini "(Johane 13:15).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Desire of Ages,* pp.642-651.

"Ukuphila konke kukaKristu bekungukuphila komsebenzi wokuzidela. 'Ayizelanga ukukhonzwa kepha ukukhonza,' (Mathew 20:28), bekulokhu kuyisifundo sokwenza Kwakhe konke."-*The Desire of Ages,* p. 642.

## 1. UMQONDO WEZIZWE — NgeSonto, Ntulikazi 20

**a. Yisiphi isimo sengqondo esibhubhisayo esasungulwa nguLusifa esathinta ubuJuda (kufaka phakathi abafundi bakaKristu) futhi kungasithinta nathi namuhla-na? Luka 22:24, 25.**

______________________________________________________________________________

"ULusifa wayefisa amandla kaNkulunkulu, kodwa hayi isimilo Sakhe. Wayezifunela indawo ephakeme, futhi nesidalwa ngasinye esishukunyiswa umoya wakhe sizokwenza okufanayo. Kanjalo ukwehlukana, ukungezwani, futhi nombango angeke kwavinjelwa. Ubukhosi umphumela wonamandla amakhulu. Umbuso kaSathane ngumbuso wamandla; umuntu ngamunye ubheka omunye njengesivimbelo sokwenyuka, noma itshe lokunyathela phezu kwalo yena uqobo angakhwela kulo ukwenyukela endaweni ephakeme."-*The Desire of Ages*, pp. 435, 436.

"Emibusweni yomhlaba, isikhundla sisho ukuzizwa. Abantu bekufanele babekhona ukuze kusizakale amaxuku abusayo. Umfutho, ingcebo, imfundo bekuyizindlela eziningi kakhulu zokuthola ukulawula iningi lokusebenza kwababaholi. Ixuku eliphezulu kwakufanele licabange, linqume, lithokoze, futhi libuse; ixuku eliphanzi kwakufanele lilalele futhi liyasebenze. Inkolo, nazo zonke ezinye izinto, bekuyinto ekhona ngegunya. Abantu kwakulindelwe ukuba bakholwe futhi benze njengalokhu abaphathi bebayala. Ilungelo lomuntu njengomuntu, ukucabanga nokuzenzela ngokwakhe, bekungaziwa ngokuphelele."-Ibid., p. 550.

"Ngokuziqhenya kwesimoya, isifiso sokuvelela, ukufisa izinto ezinkulu ngodumo noma isikhundla….ibandla lingaphazamiseka futhi nokuthula kwalo kunikelwe."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 241.

## 2. UKUGUQULWA KWESIMO SOMQONDO KUYADINGEKAYO NgoMsombuluko, Ntulikazi 21

**a. Yimuphi ngempela umehluko wokufisa isikhundla esiphakeme, yisiphi isimiso uJesu asiqinisayo-futhi yisiphi isibonelo asinikeza maqondana nalokho-na? Luka 22:26, 27; Johane 13:13-16.**

______________________________________________________________________________

"UKristu wayemisa umbuso wezimiso ezihlukile. Wabiza abantu, hayi ukuba babe negunya, kodwa wababizela emsebenzini, abanamandla bathwale ubuthakathaka balabo abangenamandla. Amandla, isikhundla, ithalenta, imfundo, kwabeka onako ngaphansi kwesibopho esikhulu sokusebenzela abangane babo.

"Embusweni kaNkulunkulu akukho ukucindezela kobukhosi, ayikho impoqo yokuziphatha. Izingelosi ezulwini azizi emhlabeni ukuba zibuse, noma ukucindezela inhlonipho, kodwa ziyizithunywa zomusa, ukusizana nabantu ukuphakamisa uluntu."-*The Desire of Ages,* p. 550, 551.

**b. Chaza ukuthi uKristu waphatha kanjani abantu abasephutheni-nesimo sengqondo sokubuyisela ubuthakathaka bemvelo yethu. Filiphu 2:3, 4.**

______________________________________________________________________________

"Kuyimvelo, kodwa akuthokozisi, okuyizimpawu zesimilo sethu ezikhuthalela ukubona ubuhle bethu, nokuzithoba emkhumbulweni wethu, namaphutha nokwehluleka kwabanye.

"UMzalwane B akazami ukuba nobunye nabazalwane Bakhe; ukuzethemba kwakhe kwamholela ukuba angabinamuzwa wesidingo esikhethekile sobunye. Unomuzwa wokuthi izingqondo zabo ziphonswe ekubunjweni okuphansi kweyakhe nokuthi ukwamukela imibono nezeluleko zabo njengezifanele ukunakwa kuzoletha inhlekelele enkulu…Unomuzwa wokuthi uhlakaniphe kakhulu futhi unamava adinga ukuqashelwa okudingwa ngabaningi. Unombono ophakeme kakhulu ngamakhono akhe nokuthemba nokweyama kulokhu akuzuzile akholelwa njengamalungiselelo anoma yisiphi isimo esiphuthumayo."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 444, 445.

"Umfutho wobugovu wokuthanda umhlaba, oqhubeka njengefu, wenza makhaza umoya ophefumulwa ngabanye, ubangela ukugula komphefumulo futhi ngokuvamile ubangele ukufa."-Ibid., p. 528.

"Uma kukhona uthando phakathi kwabazalwane oluzobaholela ekuboneni abanye bengcono kunabo, kuzobakhona ukunikela izindlela zabo nezifiso zabo kwabanye."-*Gospel Workers,* p. 447.

## 3. INJWAYELO EYINGOZI — Ngolwesibili, Ntulikazi 22

**a. Kukhathazeka kuni abapostoli ababelokhu benakho maduze nje ngaphambi kwePhasika-na? Mathewu 20:20-24; Luka 22:24.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kwakukhona 'ukuphikisana phakathi kwabo, ukuthi ngubani ozobalelwa ukuthi ungomkhulu.' Lombango, wawuqhubeka phambi kukaKristu, wabalusizi futhi Kwamlimaza. Abafundi babambelela emcabangweni wabo abawuthandayo wokuthi uKristu uzoqinisa amandla Akhe, athathe isikhundla Sakhe esihlalweni sikaDavide. Futhi enhliziyweni ngayinye babefisa indawo ephakeme embusweni. Bathe bamisa umlinganiso wabo phezu kwabo naphezu komunye, futhi, esikhundleni sokubheka abazalwane babo njengabafanele kakhulu, bazibeka ngokwabo phambili. Isicelo sikaJakobe noJohane sokuhlala esandleni sokudla nakwesokunene esihlalweni sombuso kaKristu savusa intukuthelo kwabanye abafundi. Ukuthi izelamani ziqale ukucela isikhundla esiphakeme kwashukumisa kakhulu abayishumi ukusongela kokwehlukana. Bazizwa ukuthi bayabandlululwa, nokuthi ubuqotho babo namathalenta awathokozelwa. UJudasi nguye owabanolunya olukhulu kuJakobe noJohane.

"Lapho abafundi bengena kwikamelo lokudla kwakusihlwa, izinhliziyo zabo zazigcwele intukuthelo. UJudasi wahlala eduze kukaKristu esandleni sokunene; uJohane esandleni sokudla. Ukuba bekukhona indawo ephakeme kunalena, uJudasi wayezimisele ukuyithatha."-*The Desire of Ages*, pp. 643, 644.

**b. Yimuphi umfanekiso ekuqaleni owabeka ngokusoba abafundi ababewukhohliwe, kanjalo eyavusa enye imbangela yokungazwani phakathi kwabo-na? Mathewu 18:1-4.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Esinye isizathu sokwehlukana savuka. Emkhosini kwakungumkhuba ukuba inceku igeze izinyawo zezihambi. Futhi ngalesikhathi amalungiselelo alenkonzo afeziwe. Isitsha samanzi, indebe, nendwangu zazikhona lapho, zilungele ukugezwa kwezinyawo; kodwa inceku yayingekho, futhi bekuyinxenye okufanele yenziwe ngabafundi. Kepha abafundi ngamunye, bavumela ukuziqhenya okulimele, bazimisela ukungenzi umsebenzi wenceku. Bonke babonisa ukunganaki okubuhlungu, kubonakala sengathi babengazi ukuthi kukhona okumele bakwenza namuhla. Ngokuthula kwabo benqaba ukuzithoba."-Ibid., p. 644.

"Ake sicabange ukuthi amazwi ethu azwakala kanjani ezindlebeni zikaNkulunkulu, nokuthi imicabango yethu yobugovu ibukeka kanjani phambi kobuso Bakhe, lapho sihlulela futhi sigxeka abanye, abangase babengcono ngokwenhliziyo nangenhloso kunathi."-*The Signs of the Times,* Nhlolanja 19, 1885.

## 4. UMZEKELO OKHONA — Ngolwesithathu, Ntulikazi 23

**a. Ngemuva kokulinda ngesineke abafundi ukuba bathathe inyathelo kuqala, kuyini uJesu akwenza ekugcineni-na? Johane 13:3-5.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"[Johane 13:5 ngokuphindwa.] Lesenzo savula amehlo abafundi. Ihlazo elibabayo nokuthotshiswa kwagcwalisa iinhliziyo zabo. Baqonda ukukhuza okuthulile, futhi bazibona ekukhanyeni okusha.

"Kanjalo uKristu wagcizelela uthando Lwakhe kubafundi Bakhe. Umoya wobugovu babo kwaMgcwalisa ngosizi, kodwa akangenanga kwimpikiswano yabo maqondana nobunzima babo. Endaweni yalokho wabanika isibonelo abangeke basikhohlwa."-*The Desire of Ages*, p. 644, 645.

**b. Wasabela kanjani uPeter lapho sekuyithuba lakhe-na? Johane 13:6-8 (isigaba sokuqala).**

______________________________________________________________________________

"UPeter akazange akumele ukubona iNkosi yakhe, Lowo akholelwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, enza inxenye yobunceku. Wonke umphefumulo Wakhe wavuka ukumelana nokuthotshiswa. Wayengaqondi ukuthi Kristu ufikile kulomhlaba."-Ibid., pp. 645, 646.

**c. UJudasi wafinyelela kude kangakanani ekuzinikeleni ezilingweni zikaSathane-futhi uKristu wabonisa kanjani ukuthi uyakubona lokhu-na? Johane 13:2, 10, 11.**

______________________________________________________________________________

"Ngaphambi kokuthi iPhasika libekhona uJudasi wayesehlangene izikhathi ezimbili nabapristi nababhali, wenza isivumelwano sokuletha uJesu ezandleni zabo. Nokho kusukela ngalesosikhathi wazihlanganisa nabafundi kungathi akukho okungalungile, futhi ebonisa intakazelelo yokulungisela umkhosi. Abafundi babengazi lutho ngecebo likaJudasi. UJesu kuphela obengafunda imfihlo yakhe. Nokho akazange amdalule. UJesu wayelangazela umphefumulo wakhe. Wamzwela ngobunzima ayenabo njengeJerusalema lapho Ekhalela umuzi ojezisiwe. Inhliziyo Yakhe Yakhala, ngingamyeka kanjani-na? Amandla acindezelayo othando azwakala ngoJuda. Lapho izandla zoMsindisi zigeza lezozinyawo ezingcolile, futhi wazesula ngethawula, inhliziyo kaJudasi yajabula futhi ngomuzwaa wokuqina ngaleso sikhathi nalapho kwakufanele avume isono sakhe. Kepha akazange azithobise."-Ibid., p. 645.

## 5. UKUBALULEKA KOKUGEZANA IZINYAWO — Ngolwesine, Ntulikazi 24

**a. Ngalesenzo, kuyini uJesu ngempela ayefisa ukuyenza-na? Johane 13:8 (isigaba sokugcina).**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Ngesenzo seNkosi inkonzo yokuthotshiswa yenziwa inkonzo engcwelisiwe. Kwakufanele igcinwe ngabafundi; ukuze bagcine engqondweni izifundo Zakhe zenkonzo yokuzithoba.

"Lenkonzo amalungiselelo awo amiswa nguKristu njengenkonzo yesacramende. Lapho ukuziqhenya, ukungezwani, nokuphikisana ngobukhulu kuthokozelwa, inhliziyo angeke ingene ebudlelwaneni noKristu. Asikakulungeli ukuthola isidlo somzimba Wakhe negazi Lakhe. Ngakho-ke yilokho uJesu amisa isikhumbuzo sokuzithoba Kwakhe ukuba kuqashelwe kuqala."-*The Desire of Ages,* p. 650.

**b. Yimaphi amazwi abalulekile uJesu awasho emva kwenkonzo yokugezana-izinyawo-futhi kuyini okungalethwa ezingqondweni zethu ukulondolozwa lenkonzo-na? Johane 13:12-17.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Sinokuduka, futhi siyaphambuka izikhathi eziningi. Masibuyele eNkosini ngokuphenduka nokuvuma izono. Njengoba sibuthene ukuhlanganyela kwinkonzo yesidlo endlini yeNkosi, masilungise wonke amaphutha, ngokuya ngokwamandla ethu. Uma uguqa phambi komzwalwane, ugeza izinyawo zakhe, zibuze lombuzo, 'Ingabe kukhona enhliziyweni yami okungihlukanisa nalomzalwane-na? Ingabe ngishilo noma ngenzile okuthize okungasehlukanisa-na?' Uma kunjalo, kususe ngokuvuma ngenhliziyo isono sakho. Kanjalo inhliziyo izohlanganiswa nenhliziyo, futhi isibusiso sikaNkulunkulu sizobonakala."-*Reflecting Christ*, p. 283.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ntulikazi 25

1. **Chaza umehluko phakathi kwesimo sengqondo yasezulwini kanye nesomhlaba.**
2. **Uma ngenqaba ukugeza izinyawo zomfowethu, kuyini ngempela engikwenqabayo-na?**
3. **Yimaphi amava kaJudasi angaphakathi eza njengesixwayiso kimi-na?**
4. **Chaza ukuthi uKristu waguqula kanjani isimo sengqondo sabafundi.**
5. **Iyini inhloso nokubaluleka kwenkonzo yokugezana izinyawo-na?**

# Umnikelo WeSabatha Lokuqala

ISabatha, Ncwaba 2, 2025

## Igatsha Lezemfundo Kwi-GC

Imfundo, ngokufanayo nokungcweliswa, ngumsebenzi wempilo yonke. Kusukela eminyakeni yokuqala kuze kube phakade, imfundo izohlala iyinxenye yomnyombo wamava omuntu. KuleSabatha sicela usizo lwenu ukwengeza inxenye ebalulekile ukuze ibandla likhulise umzamo walo.

Kufanele sifunde ukuba ngabavangeli eminyakeni yethu yobuncane. "Wonke umfundi weqiniso uzalelwa embusweni kaNkulunkulu njengomvangeli."-*The Desire of Ages,* p. 195. "Ubafundise impela wona abantwana bakho, uwakhulume lapho uhlezi endlini yakho, nalapho uhamba endleleni, nalapho ulala, nalapho uvuka" (Duteronomi 6:7). Futhi lapho ukunqoba kuthe kwalondolozwa, futhi izoni nesono kungasekho, umsebenzi wemfundo uzoqhubeka.

Manje ukudlula ngaphambili, ibandla lethu kufanele lilungele ukunikela ngezinto zokusebenza ukumisa imfundo yesisekelo esifanele kuzozonke izigaba zeminyaka yomkhaya woluntu.

Ngeshwa, izikhungo eziningi zemfundo zithe zasuka kwizisekelo zemfundo ukuba izikhungo zemfundo yomhlaba. Njengoba sibona ukuthi umfutho wezikolo ezinawo kubantwana bethu, abaningi bathe bacela izinto zokusebenza ukusiza imfundo yabo ukuze kukhazimuliswe uNkulunkulu. Ngakho-ke, igatsha lemfundo kwiGC lilungisa uhlelo lwezifundo ngenhloso yokuqondisa lokho. Ngokuhlanganyela nothishela namanye amagatsha, umsebenzi wokulungisa loluhlelo sowuqalile.
Nokho umsebenzi mkhulu kunemali esinayo. Sidinga izipho zenu zesihle ukulungisa izinto zokusebenza, zihunyushwe, bazenze zithengeke ngisho nakulabo abasezindaweni ezimpofu. Usizo lwenu lizokwenza kubelula kithi ukulungisa izinto zokusebenza ezisesimeni esihle ukuze abafundi abazisebenzisayo "bangalungela ukuba lusizo kulokuphila kanye nomsebenzi kaNkulunkulu kuze kube phakade."-*Counsels to Parents, Teachers, and Students* p. 495.

Siyawuqonda lomsebenzi ukuthi mkhulu, kodwa ufanelekile. Ngosizo lwenu sizokwakha izinto zokusebenza ukusuka kwizibalo ukuya kwizilimi kanye nesayensi yokuxhumana ezokwazi ukuhlomisa nabancane kakhulu phakathi kwethu ukunikeza isigijimi sevangeli emhlabeni wonke ngendlela ephumelelayo ngokungenzeka.

Sinibonga ngaphambili kwangathi iNkosi ingabusisa izipho nalabo abazinikelayo.

*Kwigatsha Lezemfundo kwiGeneral Conference*

# Indlela, Iqiniso, Nokuphila

**IVESI LEKHANDA: "UJesu wathi kuye: Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami "(Johane 14:6).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies to the Church,* vol. 8, pp. 265-269.

"Lomhlaba, ngenxa yokweqa umthetho, uthe wasuswa kwisifunda sasezulwini. Ukuxhumana kwaphela phakathi komuntu noMdali wakhe; kodwa indlela yavulwa ukuze abuyele endlini kaBaba."-*My Life Today,* p. 260.

## 1. UJESU UKHULUMA NGOKUBUYELA KWAKHE KUYISE NgeSonto, Ntulikazi 27

**a. Yimaphi amagama uJesu awakhluma ekupheleni komsebenzi Wakhe emhlabeni-na? Johane 13:33. Yimuphi umyalezo awunikezayo-na? Johane 13:34, 35.**

________________________________________________________________________

"Omyalo owodwa wokugcina uKristu awunikeza abafundi Bakhe uthi, 'Thandanani njengalokhu nginithandile.' Johane 13:34. Ingabe siyawulalela lomyalo, noma sizitika ngobukhali, izimpawu zesimilo ezingafani nezikaKristu-na? Uma noma ngayiphi indlela sidabukisa noma silimaza abanye, kungumsebenzi wethu ukuvuma iphutha lethu futhi sifune ukubuyisana. Lokhu ukulungiselela okubalulekile okungenza sisondele phambi kukaNkulunkulu ngokukholwa, ukucela isibusiso Sakhe."-*Christ's Object Lessons*, p. 144.

**b. Ngeyiphi ingxonxo eyabakhona phakathi kukaPeter noJesu maqondana nokumuka kweNkosi-na? Johane 13:36-38.**

________________________________________________________________________

"Abaningi namuhla beme lapho uPeter ema khona lapho ngokuzethemba ememezela ukuthi angeke ayidela iNkosi yakhe. Ngenxa yokuneliseka kwabo, bawela kalula njengenyamazane kwizihibe zikaSathane. Labo ababona ubuthakathaka babo bethemba amandla aphakeme kunomina. Futhi lapho bebheke uNkulunkulu, uSathane akanamandla okumelana nabo. Kodwa labo abazethembayo banqotshwa kalula."-*Our High Calling*, p. 307.

**a. Ngesikhathi besekamelweni eliphezulu, yimaphi amagama aduduzayo uJesu awakhuluma nabafundi Bakhe futhi yisiphi isithembiso asenza kubo-na? Johane 14:1, 2.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"[Johane 14:1-4 ngokuphindwa.] Ngenxa yakho ngifikile kulomhlaba. Ngiyasebenza ngenxa yakho. Lapho ngihamba, ngisazosebenza ngobuqotho ngenxa yakho. Ngifikile emhlabeni ukuziveza Ngokwami kuwe, ukuze ukholwe. Ngiya kuBababa ukuba ngisizane Naye ngenxa yakho. Inhloso kaKristu yokuhamba yayiphambene nalokhu abafundi ababekwesaba. Bekungasho ukwehlukana kokugcina. Uyolungisa indawo yabo, ukuze abuye futhi, abathathele Kuye. Ngesikhathi ebakhela izindlu, bona kufanele bakhe izimilo ezifana nobungcwele."-*The Desire of Ages,* p. 663.

**b. Yisiphi isehlakalo esibalulekile uKristu asifaka kumyalezo Wakhe-na? Johane 14:3.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Isithembiso sokubuya kukaKristu okwesibili kwakufanele sigcinwe sisisha ezingqondweni zabafundi Bakhe. UJesu ngoKwakhe abambona enyukela ezulwini, uzobuya futhi, ukuthatha labo abasemhlabeni abazinikele emsebenzini Wakhe. Lona lelolizwi elathi kubo, 'Bhekani, nginani, kuze kube sekupheleni,' lizobamema ukuba bangene ebukhoneni Bakhe embusweni wezulu."-*The Acts of the Apostles*, p. 33.

**c. Yimuphi umbuzo uThomasi awubuza uJesu mayelana nendlela, futhi ngeyiphi impendulo ayithola-na? Johane 14:5, 6.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Azikho izindlela eziningi eziya ezulwini. Akukho noyedwa ongakhetha eyakhe indlela. UKristu uthi, 'Ngiyindlela: …akakho ongeza kuBaba, ngaphandle Kwami.' Njengoba kwashunyayelwa ivangeli okokuqala, lapho e-Edeni kuthiwa inzalo yowesifazane izakuchoboza ikhanda lenyoka, uKristu waphakanyiswa njengendlela, neqiniso, nokuphila. Ubeyindlela ekuphileni kukaAdam, lapho uAbel eletha kuNkulunkulu igazi lewundlu elihlatshiwe, elimela igazi loMhlengi. UKristu ubeyindlela leyo okhokho nabaprofethi abasindiswa ngayo. Uyindlela kuphela esingabanakho ukuya kuNkulunkulu."-*The Desire of Ages,* p. 663.

**a. UJesu waziveza kanjani kuYise –futhi lokhu kuqondana kanjani nathi-na? Johane 14:7.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"UKristu weza ukuba embule uNkulunkulu emhlabeni njengoNkulunkulu wothando, ogcwele umusa, ubumnene, nozwelo. Ubumnyama obukhulu lobo uSathane azama ukwemboza isihlalo sikaNkulunkulu basuswa nguMhlengi womhlaba, uBaba futhi wazembula kubantu njengokukhanya kokuphila."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 738, 739.

**b. Yisiphi isicelo uFiliphu asenza kuJesu, futhi lokhu kwakubaluleke kangakanani ngempendulo yeNkosi-na? Johane 14:8-11.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Lapho uFiliphu eza kuJesu ngesicelo, 'Sibonise uBaba, kusanele,'…uKristu wathi Ngaye uthunyelwe ezweni njengomele uBaba. Ngesimilo Sakhe esinesithunzi, ngesihe Sakhe nesihawu, uthando Lwakhe nobuhle Bakhe, kumi phambi kwethu njengokuhlanganiswa kokungcwele okuphelele, umfanekiso kaNkulunkulu ongabonwa."-Ibid., vol. 5, p. 739.

"UKristu wagcizelela kakhulu phezu kwabo umcijo wokuthi bangambona uBaba ngokukholwa kuphela. UNkulunkulu angebonwe ngesimo sangaphandle noma yisiphi isidalwa somuntu."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, pp. 1141, 1142.

"UKristu akazange ayeka ukuba nguNkulunkulu lapho eba ngumuntu. Nalapho ezithoba eba ngumuntu, ubuNkulunkulu bekulokhu kungoBakhe. UKristu eyedwa angamela uBaba ebuntwini, futhi lokhu abafundi babenelungelo lokukubona iminyaka engaphezu kwemithathu….

"Ukukholwa kungahlala ngokuphepha ebufakazini obanikezwa ngemisebenzi kaKristu, imisebenzi leyo okungekho muntu, ngokwakhe, ake wayenza ngaphambili, noma angayenza nanini. Imisebenzi kaKristu ifakazela ubungcwele Bakhe. Ngaye uBaba uthe wembulwa.

"Uma abafundi babekholwa ukuxhumana okubalulekile phakathi kukaBaba neNdodana, ukukholwa kwabo bekungeke kwabashiya lapho bebona uKristu ehlupheka nokufa ukusindisa umhlaba obhubhayo. UKristu wayefuna ukubahola basuke kwisimo sokukholwa esiphansi babe namava abangahle bawamukele uma beqonda lokhu aYikho-uNkulunkulu kwinyama yomuntu."-*The Desire of Ages*, pp. 663, 664.

## 4. IMISEBENZI EMIKHULU=IZIBUSISO EZINKULU — Ngolwesithathu, Ntulikazi 30

**a. Yimaphi amathuba amakhulu uJesu awanikeza abafundi Bakhe-na? Johane 14:12.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UMsindisi wayekhathazekile kakhulu ukuthi abafundi Bakhe bangazwisisa ukuthi ubungcwele Bakhe babuhlangene ngasiphi isizathu nobuntu. Weza emhlabeni ukubonakalisa inkazimulo kaNkulunkulu, nokuthi umuntu angahle aphakanyiswe ngamandla Akhe abuyiselayo. UNkulunkulu wabonakaliswa Kuye ukuze Abonakaliswe kubo. UJesu akazange embule izimfanelo, futhi akasebenzisanga amandla, ukuthi abantu bangabinakho ukukholwa Kuye. Ubuntu Bakhe obuphelele ukuthi bonke abalandeli Bakhe bangaba nabo, uma bezokwazi ukuthobela uNkulunkulu njengoba Wayenjalo.

"Nemikhulu kunalena uyakuyenza; ngokuba Mina ngiya kuBaba.' Ngalamazwi uKristu wayengasho ukuthi umsebenzi wabafundi uzoba nesimo esiphakeme kune-Sakhe, kodwa ukuthi uzoba sezingeni elikhulu. Akazange abhekise nje kwimisebenzi emangalisayo kuphela, kodwa kukho konke okuzokwenzeka ngaphansi kokusebenza koMoya Ongcwele.

"Emva kokwenyuka kweNkosi, abafundi babona ukugcwaliseka kwesithembiso Sakhe. Izehlakalo zokubethelwa Kwakhe, ukuvuka Kwakhe, nokwenyuka kukaKristu bekungukuphila ngempela kubona. Babona ukuthi iziprofetho zigcwalisekile ngempela. Bahlola iMibhalo, bamukela imfundiso yalo ngokukholwa nangethemba ababengalazi ngaphambili. Bebazi ukuthi uThishela ongcwele uyikho konke azisho ukuthi uyikho. Njengoba bekhuluma ngamava abo, futhi bephakamisa uthando lukaNkulunkulu, izinhliziyo zabantu zancibikiliswa futhi zathotshiswa, futhi abantu abaningi bakholwa nguJesu."-*The Desire of Ages*, pp. 664, 667.

**b. Yisiphi isiqiniseko uJesu asinikeza ukuletha ithemba lezikhathi zonke-na? Johane 14:13, 14.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Kuze kube manje abafundi babengajwayelene namacebo oMsindisi anamandla angapheliyo. Wathi kubo, 'Kuze kube-kalokhu anicelanga lutho egameni Lami.' Johane 16:24. Wachaza ukuthi imfihlo yempumelelo yabo ukuba bacele amandla nomusa egameni Lakhe. Uzobakhona phambi kukaBaba abenzele isicelo. Umkhuleko onikelwa ngokuzithoba uwuletha njengoWakhe njengesifiso Sakhe ngenxa yomphefumulo. Wonke umkhuleko oqotho uzwakala ezulwini. Noma ulethwa ngokungezwakali; kepha uma inhliziyo ikuwo, uzonyukela endaweni engcwele lapho uJesu esebenza khona, futhi uzowethula kuBaba ungenacala, ngamazwi abushelelezi, namnandi anephunga lempepho yokuphelela Kwakhe."-Ibid., p. 667.

## 5. ISIKHATHI ESIKHETHEKILE — Ngolwesine, Ntulikazi 31

**a. Chaza umzuzu okhethekile abafundi ababanawo noJesu lapho echaza ukuxhumana Kwakhe noYise (Johane 14:8-10)-nokuthi nathi, singakujabulela kanjani ukuhlangana okunjalo neZulu. Isihlabelelo Sezihlabelelo 2:3, 4.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Njengoba uKristu ekhuluma lamazwi [ku-Johane 14:8-10], inkazimulo kaNkulunkulu yayikhazimula ebusweni Bakhe, futhi bonke ababekhona bashaywa luvalo lapho belalela ngokunaka ngenhliziyo amazwi Akhe bezwa ukuthi izinhliziyo zabo zidonseleka Kuye ngokunqumayo, futhi njengoba bedonseleka kuKristu ngothando olukhulu, basondelana omunye komunye. Bezwa ukuthi izulu liseduze kwabo, nokuthi amazwi abawalalele angumyalezo kubo ovela kuBaba osezulwini."- *SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, p. 1142.

"Maningi amaKrestu azishoyo ukuthi akhathazekile futhi adangele, abaningi abamatasatasa nabasebenza bengatholi isikhathi sokuphumula ngokuthula ezithembisweni zikaNkulunkulu, abenza sengathi angeke bakwazi ukuba nokuthula okuzolile. Kubo bonke abanjalo isimemo sikaKristu yilesi: Wozani Kimi…Mina ngizakuniphumuza.'…

"Ake siphenduke sisuke othulini, olufudumeza amathuba okuphila ukuze siphumule emthunzini wothando lukaKristu. Lapha sizothola khona amandla okungqubuzana, lapha sizofunda ukuthi singanciphisa kanjani umsebenzi nokukhathazeka, futhi nokuthi singakhuluma kanjani futhi sihlabelele kanjani ukudumisa uNkulunkulu. Vumela abakhathele nabasindwayo bafunde kuKristu isifundo sokumethemba ngokuthula. Kufanele bahlale ngaphansi kwethunzi Lakhe uma bezoba ngabathwali bokuthula kanye nokuphumula Kwakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 7, p. 69, 70.

"Uma abantu bakaJehova begcwaliswa ngobumnene kanye nokuthobeka, bazokwazi ukuthi ibhanela Lakhe phezu kwabo liwuthando, futhi izithelo zizobamnandi ekunambitheni kwazo. Bazokwenza izulu lapha phansi abazolungiselela ngalo izulu elingaphezulu."-Ibid*.,* p. 131.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ncwaba 1

1. **Ngingagwema kanjani umgodi lowo uPeter awela kuwo-na?**
2. **Ngokukhanya kwesithembiso sikaKristu ngendlu yami, uyini umsebenzi wami emhlabeni-na?**
3. **Kungani nginikwa amandla kanjani ukufeza imisebenzi kaJesu-na?**
4. **UJesu waduduza kanjani abafundi lapho bezwa ngokumuka Kwakhe-na?**
5. **UJesu uchaza ukuthini "imisebenzi emikhulu" okumele yenziwe-futhi kanjani-na?**

**ISABATHA, NCWABA 9, 2025** **ISIFUNDO 6**

# Isithembiso SoMoya Ongcwele

**IVESI LEKHANDA: "Thina singofakazi balezizinto kanye noMoya Ongcwele uNkulunkulu amnikile labo abamlalelayo" (Izenzo 5:32).**

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 8, pp. 19-23;
*The Acts of the Apostles,* pp. 47-56.

"Isithembiso soMoya Ongcwele asinqunyelwe iminyaka kunoma yisiphi isikhathi noma isizwe esithize. UKristu wamemezela ukuthi umfutho ongcwele woMoya Wakhe kwakufanele ube kubalandeli Bakhe kuze kube sekupheleni."-*The Acts of the Apostles,* p. 49.

## 1. UKULALELA-ISITHELO SOKUKHOLWA — NgeSonto, Ncwaba 3

**a. Lapho samukela uJesu ngokukholwa, kuyini amaKrestu akwamukela ezinhliziyweni zabo-na? Roma 5:1-5.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

**b. Uthando lukaKristu lubonakaliswa kanjani ekuphileni kokholwayo-na? Johane 14:15, 21; 1 Johane 2:3.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"[UKristu] usindisa abantu, kungesikho ezonweni zabo, kodwa ukuba basuke ezonweni; futhi labo abaMthandayo bazobonisa uthando lwabo ngokulalela.

"Konke ukulalela kweqiniso kuvela enhliziyweni. Ngumsebenzi wenhliziyo noKristu. Kodwa uma sivuma, uzozibonakalisa ngempela ngemicabango yethu nokuzama kwethu, ehlanganisa izinhliziyo zethu nezingqondo ekuvumelaneni nentando Yakhe, nokuthi uma simLalela sizobe siqhubekisela phambili ukuzizwa kwethu. Intando, ehlanzekile nengcwelisiwe, sizothola injabulo ephakeme yokwenza umsebenzi Wakhe. Uma simazi uNkulunkulu njengoba kuyilungelo lethu lokumazi Yena, ukuphila kwethu kuzoba ukuphila kokulalela okuqhubekayo. Ngokubonga isimilo sikaKristu, ngobudlelwane noNkulunkulu, isono sizozondeka kithi."-*Desire of Ages,* p. 668.

## 2. ISIDINGO ESIMQOKA — NgoMsombuluko, Ncwaba 4

**a. Ubani uJesu athembisa ukuthi uzomthumela ukududuza abafundi-na? Johane 14:16-18.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Kusukela ekuqaleni komsebenzi wokuhlenga Wona [uMoya] ubulokhu uhamba phezu kwezinhliziyo zabantu. Kodwa ngesikhathi uKristu esemhlabeni, abafundi babengafisi omunye umsizi. Kwaze kwafinyelela lapho bephucwa ubukhona Bakhe yilapho bazizwa benesidingo soMoya, khona-ke ubuzofika."-*The Desire of Ages,* p. 669.

**b. UKristu "uzophila" kanjani ezinhliziyweni zabafundi-na? Johane 14:19-23.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"UMoya Ongcwele umela uKristu, kodwa kwavela ubuntu ebuntwini, futhi obuzimele ngokwawo. Embathiswe ngobuntu, uKristu ubengeke abesezindaweni zonke uqobo. Ngakho-ke kwakungenxa yentshiseko yabo ukuba Aye kuYise, futhi athumele uMoya ukuba ngolandela Yena emhlabeni. Akukho noyedwa obengazuza ngenxa yendawo yakhe noma ukuxhumana kwakhe noKristu. NgoMoya uMsindisi wayetholwa yibo bonke. Ngalomqondo uzobaseduze nabo uma ubenganyukelanga phezulu….

"UJesu wafunda ikusasa labafundi Bakhe. Wabona omunye elethwa kuhlaka lokuphanyeka, omunye esiphambanweni, omunye ekudingisweni eyedwa phakathi kwamadwala olwandle, abanye beshushiswa baze bafe. Wabakhuthaza ngesithembiso sokuthi esilingweni ngasinye uzoba nabo. Leso sithembiso asilahlekelwanga amandla aso. INkosi yazi konke ngezinceku Zayo ezithembekile ukuthi ngenxa Yakhe basematilongweni noma baxoshelwe eziqhingini bebodwa. Ubaduduza ngobukhona Bakhe. Lapho ngenxa yeqiniso okholwayo emi enkundleni yekomiti lokungalungi, uKristu uma eduze kwakhe. Konke ukusola okuza kuye, kuwela phezu kukaKristu. UKristu uyahlulelwa futhi kumuntu wobufundi Bakhe. Uma omunye evalelwa ngaphakathi kwezindonga zetilongo, uKristu ujabulisa inhliziyo ngothando Lwakhe….

"Ngezikhathi zonke nakuzo zonke izindawo, osizini lonke nakuzo zonke izihlupheko, lapho ukubonakala kwangaphandle kumnyama futhi nekusasa liyindida, futhi sizizwa singelutho futhi sisodwa, uMduduzi uzothunyelwa njengempendulo yomkhuleko wokholo. Izimeko zingase zisihlukanise nabangani bethu abasemhlabeni; kodwa makungabikho izimeko, noma ibanga, elingasehlukanisa noMduduzi osezulwini. Nomaphi lapho sikhona, nomaphi lapho singaya khona, uhlala esesandleni sethu sokudla ukusisekela, ukusixhasa, ukusikhuthaza, futhi asijabulise."-Ibid., pp. 669, 670.

**a. Kungayiphi indlela uMduduzi ezoletha umfutho wawo emkhumbulweni nasekuqondeni kwabafundi-na? Johane 14:26.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"[Abafundi] babengaqondi ukubaluleka kwemibhalo uKristu ayilethayo. Izifundo Zakhe eziningi zazilahleka kubo. UJesu wabona ukuthi ababambi ngokuqinile izizathu ngempela zamazwi Akhe. Ngozwelo wabathembisa ukuthi uMoya Ongcwele uzobakhumbuza lamazwi ezingqondweni zabo. Futhi okuningi akazange asakusho okungeke kwaqondwa ngabafundi Bakhe. Lokhu kuzombulelwa bona nguMoya. UMoya kwakufanele usheshise ulwazi, ukuze bathokozele izinto zasezulwini. 'Uma ethi, uMoya weqiniso, uyeza,' uJesu uthi, 'Uzoniholelela kulo lonke iqiniso.'"-*The Desire of Ages,* pp. 670, 671.

**b. Kuyini okunye okuzokwenziwa nguMduduzi kubalandeli bakaKristu beqiniso-na? Johane 16:12-14.**

________________________________________________________________________

"Uma kukhona umcijo weqiniso ongawuzwisisi, ngaphezu kwalokhu ungavumelani nawo, uhlolisise, qhathanisa umbhalo nombhalo, yehlela ngezansi emgodini weqiniso ujule kwingcebo eyiliZwi likaNkulunkulu. Kufanele ubeke phansi umina nemicabango phezu kwe-altare likaNkulunkulu, ulahle imibono yakho oyimisile, futhi uvumele uMoya weZulu ukuholele kulo lonke iqiniso."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 412, 413.

"Angeke sazwisisa kahle noma sijabulele isambulo esingcwele ngaphandle kosizo loMoya Lowo izwi elinikezwe ngalo."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 241.

"Izilingo kaningi zibonakala zingenakuvinjelwa ngoba, ngokunganaki ukukhuleka nokuhlola iBhayibheli, lowo olingwayo angeke akhumbule ngokushesha izithembiso zikaNkulunkulu ahlangabezane noSathane ngezikhali zeMibhalo. Kodwa izingelosi zizungeze labo abathanda ukuletha emkhumbulweni amaqiniso adingekayo. Kanjalo 'lapho isitha sifika njengomfula okhahlamezayo, uMoya weNkosi uzophakamisa izinga lokumelana naso.' Isaya 59:19.

"UJesu wathembisa abafundi Bakhe: UMduduzi, onguMoya Ongcwele, lowo uBaba ayakumthumela egameni Lami uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshele khona.' Johane 14:26. Kodwa izimfundiso kufanele zilondolozwe engqondweni ukuze uMoya kaNkulunkulu uzilethe emkhumbulweni wethu ngezikhathi zokugcina."-*The Great Controvesy,* pp. 599, 600.

## 4. IFA LOKUTHULA — Ngolwesithathu, Ncwaba 6

**a. Yisiphi isithembiso esimangalisayo uJesu asinikeza abalandeli Bakhe abathembekile-isithembiso esizoba usizo ezikhathini zokuhlupheka-na? Johane 14:27-29.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Ekuxoxisaneni Kwakhe nabafundi, uJesu akazange akhulume ngokuhlupheka nokufa Kwakhe. Ifa Lakhe lokugcina kubo bekuyifa lokuthula."-*The Desire of Ages,* p. 672.

"[KuJohane 14:27 ngokuphindwa.] Lokuthula akukhona ukuthula okutholakala ngokuvumelana nomhlaba. UKristu akazange athenge ukuthula ngokutshekela ebubini. Ukuthula uKristu akushiyela abafundi Bakhe kungaphakathi kunokuba kube ngaphandle futhi kwakumele ahlale njalo nofakazi Bakhe esikhathini sokulwa nombango"-*The Acts of the Apostles,* p. 84.

"Umlando weqiniso uke waba ngumshikashika phakathi kokuhle nokubi. Ukumenyezelwa kwevangeli kuthe kwaqhubekela phambili kulomhlaba phambi kwabamelene nalo, izingozi, ukulahlekelwa, nokuhlupheka.

"Abeyini amandla alabo ekuqaleni abahlupheka ngokushushiswa ngenxa kaKristu-na? Kwakungenxa yobunye noNkulunkulu, ubunye noMoya Ongcwele, ubunye noKristu. Ukusolwa nokuhlupheka kuthe kwahlukanisa abaningi nabangani babo abasemhlabeni, kodwa abahlukananga nothando lukaKristu. Awukho umphefumulo othe walingwa othe wathandwa kakhulu nguMsindisi wakhe kunesikhathi ehlupheka ngokusolwa ngenxa yeqiniso.' Johane 14:21. Lapho ngenxa yeqiniso okholwayo emi enkundleni yekomiti yokungalungi, uKristu uma eduze kwakhe. Uma omunye evalelwa ngaphakathi kwezindonga zetilongo, uKristu ujabulisa inhliziyo ngothando Lwakhe."-Ibid., p. 85.

**b. Ekupheleni komsebenzi Wakhe, kuyini uJesu akwazi ukukuqinisa maqondana Ngaye-na? Johane 14:30**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"USathane uthola ezinhliziyweni zabantu omunye umcijo lapho angafaka khona unyawo; ezinye izifiso zobubi ziyathokozelwa, ngendlela leyo izilingo zakhe zigcizelela amandla azo. Kodwa uKristu uthi Ngaye, "Ngokuba uyeza umbusi wezwe, kepha akanalutho Kimi.' Izikhukhula zezilingo ziwela phezu Kwakhe, kodwa azingeke zamenza aguquke asuke ekulaleleni uNkulunkulu."- *SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 927.

## 5. UKUTHULA KUKA-KRISTU — Ngolwesine, Ncwaba 7

**a. Ngeyiphi indlela eyodwa esingaba nokuthula noNkulunkulu-na? Johane 16:33; Efesu 2:13, 14.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Ngamandla ethu angeke kwenzeka kithi ukuphika ubunzima bemvelo yokuwa kwethu. Ngalomzila uSathane uzoletha isilingo phezu kwethu. UKristu uyazi ukuthi isitha sizokuza kwisidalwa ngasinye, ukuze sisebenzise ngokunenzuzo ubuthakathaka bozalo, nangokufaka kwaso amanga ukuze sicuphe bonke othemba labo lingekho kuNkulunkulu. Futhi ngokudlula emhlabathini okufanele ahambe kuyo umuntu, elungiselela indlela yokunqoba. Akuyona intando Yakhe ukuba sibekwe endaweni yokulwa noSathane. Angeke avume ukuba sisabiswe futhi sidangaliswee ukuhlasela kwenyoka. 'Kepha yimani isibindi,' Esho; 'Mina ngilinqobile izwe.' Johane 16:33.'"-*The Desire of Ages,* p. 122.

**b. Kuyini okudingeka kumakholwa afisa ukuba nokuthula noNkulunkulu-na? Amahubo 119:165. Azoba yini amava okholwa kanjalo-na? 1 Johane 3:22.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"INkosi izosifundisa umsebenzi wethu ngokuzithandela njengoba ezofundisa omunye umuntu. Uma siza Kuye ngokukholwa, uzokhuluma izimfihlakalo kithi mathupha. Izinhliziyo zethu zizovutha phakathi kwethu njengaLowo osondela eduze ukukhulumisana nathi njengoba enza kuEnoki. Labo abakhetha ukungenzi lutho noma yimuphi umzila ozodanisa uNkulunkulu, bazokwazi, emva kokuletha amacala abo phambi Kwakhe, ukuthi iyiphi indlela abayilandelayo. Angeke bathola ukuhlakanipha kuphela, kodwa amandla. Amandla okulalela, okusebenza, azokwabelwa bona, njengoba uKristu ethembisile."-Ibid., p. 668.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ncwaba 8

1. **Ngingaqiniseka kanjani ukuthi ngikhuleka ngempela egameni likaKristu-na?**
2. **Kungani ukuthula kukaKristu kuncenga mina kakhulu kunokuthula okunikezwa umhlaba-na?**
3. **Ngingaba namava amakhulu kanjani okuthula kukaKristu?**
4. **Chaza ukuphila kokholwayo onokuthula noNkulunkulu.**
5. **Fingqa umsebenzi woMoya Ongcwele.**

**ISABATHA, NCWABA 16, 2025** **Isifundo 7**

# UJesu, Umvini Woqobo

**IVESI LEKHANDA: "Ngokuba ngaphandle Kwami ningenze lutho" (Johane 15:5, isigaba sokugcina).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 353-355;
vol. 1, pp. 248, 249.

"Ubunye noKristu ngokholo oluphilayo luyabekezela; bonke obunye ubunye kufanele bushabalale….Lobunye bubiza okuthize kithi. Ubunye bokwencika ngokuphelele, okufanele kungenwe kubo isidalwa esizigabisayo."-*Testimonies for the Church*, vol. 5*,* p. 231.

## 1. UBUTHAKATHAKA NOKWEYAMA KWABANYE — NgeSonto, Ncwaba 10

**a. Kuyini uJesu aziqhathanisa nakho, futhi kungani-na? Johane 15:1 (isigaba sokuqala).**

______________________________________________________________________________

"Esikhundleni sokukhetha isundu elithobekile, umsedari ophakeme, noma isihlahla se-oki, uJesu wakhetha umvini namagatsha awo athandelayo ukuba aziFanekise ngawo. Isihlahla sosundu, umsedari, kanye ne-oki ziyazimela zodwa. Azidingi ukusekelwa. Kodwa umvini othandelayo uzungeza izinti zokuphasa isithombo, futhi ubheka phezulu. Kanjalo uKristu ngobuntu Bakhe wencike emandleni angcwele. 'Mina ngingenze lutho ngoKwami,' Ezisho ngoKwakhe. Johane 5:30."-*The Desire of Ages,* pp. 674, 675.

**b. Yisiphi esinye isifundo uJesu ayefuna ukusifanekisa ngomvini-na? Johane 15:1-3.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"AmaJuda ngokuvamile ayebheka umvini njengesitshalo esihlonipheke kunazo zonke, nohlobo lwalo olunamandla, oluhle kakhulu, nolunezithelo. UIsrayeli futhi wayefanekiswa njengomvini uNkulunkulu awutshalile Ezweni Lesithembiso. AmaJuda ayebeke ithemba lensindiso yabo kumcijo wokuhlangana noIsrayeli. Kodwa uJesu uthi, Mina nginguMvini. Ningacabangi ukuthi ngokuhlangana noIsrayeli ningaba ngabahlanganyeli bokuphila noNkulunkulu, izindlalifa zezithembiso zikaNkulunkulu. Ngami kuphela ukuphila kwesimoya kuyamukelwa."-Ibid., p. 675*.*

**a. Yisiphi isimo esibalulekile empilweni yobuKristu ethelayo-na? Johane 15:4.**

____________________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________________

"Ukuhlangana kwegatsha nomvini, Esho, kufanekisa ubudlelwano obufanele buqiswe Kimi. Ihlumela lixantiswa emvinini ophilayo, umucu nomucu, umthambo nomthambo, likhule esiqwini. Ukuphila komvini kuphenduka ukuphila kwegatsha. Kanjalo umphefumulo ofile ebubini nasezonweni uthola ukuphila ngokuxhumana noKristu. Ngokukholwa Kuye njengoMsindisi wakhe ubunye buyakhiwa. Isoni sihlanganisa ubuthakathaka baso emandleni kaKristu, ubuze baso ekugcwaleni kukaKristu, ubuthakathaka baso kumandla kaKristu angapheliyo. Kanjalo sizoba nengqondo kaKristu. Isihawu sikaKristu sithe sathinta isihawu sethu, nesihawu sethu sathinta ubungcwele, kanjalo isithunywa soMoya Ongcwele abantu baba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele. Wamukelwa njengoThandekayo."-*The Desire of Ages*, p. 675.

**b. Kwenzekani kumuntu ohlukaniswe noKristu-na? Johane 15:6.**

____________________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________________

"Ubunye noKristu, lapho bakhiwa, kufanele bulondolozwe….lokhu akukona ukuthinta kokunganaki, kodwa ukuba nokuxhumana okuvumelanayo. Igatsha liba yinxenye yomvini ophilayo. Ukuhlangana okuphilayo, amandla, nezithelo ezisuka empandeni ukuya kumagatsha akuphazanyiswa futhi kumi njalo. Ukwehlukana nomvini, igatsha alisoze laphila. Angeke, kusho uJesu, ukuba uphile ngaphandle Kwami-na? Ukuphila okuzuzile Kimi kungagcinwa kuphela ngokuxhumana okuqhubekayo. Ngaphandle Kwami angeke nanqoba nesisodwa isono, noma nimelane nesilingo esisodwa."-Ibid., p. 676

**c. Umfundi weqiniso wembulwa kanjani-na? Johane 15:4; 8:31; 13:35.**

____________________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________________

"Uma abantu behlanganiswa ndawonye, kungesikho ngokucindezela noma ubugovu, kodwa ngothando, babonisa ukusebenza komfutho ongaphezu komfutho womuntu wonke. Lapho kukhona lobunye, ngubufakazi bokuthi umfanekiso kaNkulunkulu ubuyiselwa ebuntwini, nokuthi umyalo omusha wokuphila uthe watshalwa. Kuyabonakala ukuthi akhona amandla kwimvelo engcwele yokumelana nemvelo yezithunywa ezimbi zasemhlabeni, nokuthi umusa kaNkulunkulu uthobisa inhliziyo yozalo lwemvelo."-Ibid., p. 678.

## 3. UKUHLALA KU-KRISTU — Ngolwesibili, Ncwaba 12

**a. Yini ezoqinisekisa imiphumela yokuxhumana kwethu njalo noKristu-na? Johane 15:5, 8.**

______________________________________________________________________________

"Impande ithumela ukudla kwalo ngegatsha ukuya kwelinye ihlumela. Ngakho-ke uKristu ukukhulumisana namandla omzila wesimoya kuwo wonke amakholwa. Uma nje umphefumulo umunye kuKristu, ayikho ingozi yokuthi uzobuna noma ubole….

"Uma siphila ngokukholwa eNdodaneni kaNkulunkulu, izithelo zikaMoya zizobonakala ekuphileni kwethu; akukho noyedwa ozoduka."-*The Desire of Ages,* p. 676.

"Siyamdinga uJesu; ukukhanya Kwakhe, ukuphila Kwakhe, umoya Wakhe, kufanele ube ngowethu imihla yonke. Siyamdinga ihora nehora. Kufanele sikhuleke ekuseni ukuthi njengoba ukukhanya nokubukeka kwelanga, futhi okugcwalisa umhlaba ngokukhanya, kanjalo Ilanga Lokulunga lingakhanya emakamelweni engqondo nenhliziyo, kusenza sonke sikhanye eNkosini. Akukho esingakwenza ngaphandle kobukhona Bakhe umzuzu owodwa. Isitha siyazi esingakwenza ngaphandle kweNkosi, futhi sikhona lapho, silungele ukugcwalisa izingqondo zethu ngemibono ezosenza siwe ekuqineni kwethu; futhi kuyisifiso seNkosi ukuthi umzuzu nomzuzu sihlale Kuye, kanjalo siphelele Kuye."-*My Life Today,* p.

"Bonke abamukela uKristu njengoMsindisi wabo kufanele babonakalise iqiniso levangeli nokonga amandla asindisayo ekuphileni. UNkulunkulu akenzi izimfuno ngaphandle kokwenza amalungiselelo okugcwaliseka kwazo. Ngomusa kaKristu singafeza konke uNkulunkulu akudingayo. Yonke ingcebo yasezulwini kufanele yembulwe ngabantu bakaNkulunkulu."-*Christ's Object Lessons,* p. 301.

**b. Yisiphi isimo esingahlala ngaso othandweni lukaKristu-na? Johane 15:9, 10; 1 Johane 2:5.**

______________________________________________________________________________

"UNkulunkulu ufisa ukwembula ngawe ubungwele, ubuhle, ububele, besimilo Sakhe. Nokho uMsindisi akanxusi abafundi ukuba basebenzele ukuthela izithelo. Ubatshela ukuba bahlale Kuye."-*The Desire of Ages,* p. 677.

"Injongo enkulu kaNkulunkulu ekusebenzeni kokuhlinzekela Kwakhe ukuvivinya abantu, ukubanika ithuba lokukhulisa isimilo. Kanjalo uyabahlola ukuthi bazolalela noma bangalaleli umthetho Wakhe. Imisebenzi emihle ayithengi uthando lukaNkulunkulu, kodwa ibonisa ukuthi sinalo lolothando."-*Christ's Object Lessons,* p. 283.

## 4. UKUBUYISELA NGOKULIMAZA — Ngolwesithathu, Ncwaba 13

**a. Uthini uJesu ngezwi Lakhe elingumxhumanisa phakathi Kwakhe nabakholwayo-na? Johane 15:3, 7; 6:63.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Kungenxa yezwi uKristu ehlala kubalandeli Bakhe. Lobu ubunye obubalulekile obufaniswa nokudla inyama Yakhe nokuphuza igazi Lakhe. Amazwi kaKristu angumoya angukuphila. Ngokuwamukela, uthola ukuphila koMvini. Uphila, 'ngalolonke izwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu.' Mathewu 4:4. Ukuphila kukaKristu kuwe kuveza izithelo ezifanayo njengoba zinjalo Kuye. Ukuphila kuKristu, ukubambelela kuKristu, ukusekelwa nguKristu, udonsa ukondliwa kuKristu, uthela isithelo esifana nesikaKristu."-*The Desire of Ages,* p. 677.

**b. Chaza ukuthi uhlobo lwesimoya luguqula kanjani okuqondiwe nezimeko njengoba sizithoba ezwini likaNkulunkulu. Heberu 4:12; Amahubo 51:10.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Izinceku zikaNkulunkulu kufanele zithwale ubufakazi obukhonjiwe, lobo obuzonquma inhliziyo yenyama futhi bukhulise isimilo."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 249.

"IBhayibheli…liyilizwi likaNkulunkulu elikhuluma nomphefumulo nsuku zonke….Umsebenzi kaMoya Ongcwele ukukhanyisa ukuqonda okwenziwe mnyama, ukuthambisa ukuzifunela, inhliziyo yetshe, nokunqoba isephula mthetho esidlubulandayo, futhi simphephise kumfutho owonakalisayo welizwe. Umkhuleko kaKristu ekhulekela abafundi Bakhe uthi: "Bangcwelise ngeqiniso: Izwi Lakho liyiqiniso.' Inkemba yoMoya, okuyizwi likaNkulunkulu, lihlaba inhliziyo yesoni futhi liyinqume ibe izicucu."-Ibid., vol. p. 441.

"Kubo bonke abazozithoba ngaphansi koMoya Ongcwele isimiso esisha sokuphila kufanele sifundiswe; umfanekiso kaNkulunkulu owalahlekayo kufanele ubuyiselwe ebuntwini."-*Christ's Object Lessons*, p. 96.

"[Njengabantu bakaNkulunkulu abalambile nabomile] abazondla ngezwi Lakhe, bathola ukuthi lingumoya nokuphila. Izwi libulala imvelo, imvelo yomhlaba, futhi linikeza ukuphila okusha kuKristu Jesu. UMoya Ongcwele uza emphefumulweni njengoMduduzi. Ngesithunywa esiguqulayo somusa Wakhe, umfanekiso kaNkulunkulu ubuyiselwa kumfundi; uba yisidalwa esisha. Uthando luthatha indawo yenzondo, nenhliziyo yamukela ubungcwele obufanayo. Yilokhu okuchaza ukuphila, 'ngalo lonke izwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu."-*The Desire of Ages,* p. 391.

## 5. UKUSHISWA NOMA UKUHLUNGWA — Ngolwesine, Ncwaba 14

**a. Kuyini uKristu azokwenza kokholwayo ozishoyo ukuthi ukuKristu kodwa engatheli isithelo-na? Johane 15:2 (isigaba sokuqala).**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Lapho ukuhlunyelelwa kwangaphandle okuhlangene nomvini, kungenzeka kungabikho ukuxhumana okubalulekile. Kanjalo angeke kwabakhona ukukhula noma impumelelo. Kanjalo kungabakhona ukuxhumana okubonakalayo noKristu ngaphandle kobunye Naye ngokukholwa. Ukuzisho ngokwenkolo kubeka abantu ebandleni, kodwa isimilo nokuziphatha kuzobonisa ukuthi sixhumene yini noKristu. Uma singatheli isithelo, singamagatsha amanga. Ukuzehlukanisa kwethu noKristu kubanga ukonakala okuphelele okufanekiswa yigatsha elifile."-*The Desire of Ages,* p. 676.

**b. Kuyini uKristu akwenzayo ngamagatsha ahlala Kuye-na? Johane 15:2 (isigaba sokugcina).**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UJesu ngobumene obuzothile uchaza inhloso yomlimi. Ukuhlungwa kubangela ubuhlungu, kodwa nguBaba osebenzisa umese. Akasebenzisi isandla esingazibambi noma inhliziyo engakhathali. Kukhona amagatsha ahushuka phansi emhlabathini; lawo kumele anqunywe ekusekelweni ngumhlaba izintandelo zawo ziyabambelela. Kufanele abheke phezulu, athole ukusekelwa nguNkulunkulu. Amagqabi angadingeki lawo asusa ukuphila okukhona kusuke kwisithelo kufanele ahlungwe. Nokukhula okungadingeki kufanele kunqunywe, ukunikeza indawo imisebe ephilisayo yeLanga Lokulunga. Umlimi uhlunga ukukhula okulimaza isithombo, ukuze isithelo sinothe futhi sithele kakhulu."-Ibid., p. 677.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ncwaba 15

1. **Ngingahlala kanjani kuKristu-na?**
2. **Ngingamukela kakhulu kanjani inzuzo "yokuhlunga kwesikela" Lakhe-na?**
3. **Uzoba yini umphumela "wokuhlunga" ekuphileni kwami-na?**
4. **Kungani uKristu esebenzisa umvini ukufanekisa lokhu kuxhumana-na?**
5. **Siyini isisekelo sokuphila koMkrestu othela isithelo-na?**

# Uthando Lobuzalwane

**IVESI LEKHANDA: "Ngininika umyalo omusha wokuba nithandane, njengalokho nginithandile, nani thandanani" (Johane 13:34).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Christ's Object Lessons,* pp. 376-389.

"Bonke abagxile emoyeni Wakhe bazothanda njengoba athanda. Lesi isimiso esakhuthaza uKristu futhi sizokhuthaza bonke ekuphathaneni kwabo omunye komunye."-*The Desire of Ages,* p. 678.

## 1. UMYALO OMUSHA — NgeSonto, Ncwaba 17

**a. Uthando olungakanani olwaboniswa ngeSibonelo esikhulu, futhi lubaluleke kanjani kubalandeli Bakhe-na? Johane 13:1 (isigaba sokugcina); 15:13.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lubanzi kangakanani, futhi lugcwele kangakanani loluthando-na? Abafundi kwakumele bathandane njengalokhu uKristu ebathandile. Lokhu kwakufanele kube ngubufakazi babo emhlabeni ukuthi uKristu akhiwe ngaphakathi, ithemba lenkazimulo. Ngaleso sikhathi abafundi babengaqondi inxenye entsha yalomyalo; kodwa emva kokuhlupheka kukaKristu, emva kokubethelwa Kwakhe esiphambanweni nokuvuka Kwakhe nokwenyukela Kwakhe ezulwini, baqala ukuba nomunye umcabango wokuthi uthando lukaNkulunkulu luyaqondwa, futhi uthando okumele balusebenzise omunye komunye. Emva kokuba uMoya Ongcwele uhlala kubo ngosuku lwePentekoste, loluthando labonakaliswa."-*The Signs of Times,* Mfumfu 20, 1898.

**b. Yisiphi isithelo sokuqala soMoya Ongcwele futhi yibuphi ubufakazi bokuthi lesi sithelo siphelelisiswa kithi-na? Galathiya 5:22; 1 Johane 4:11-13; 3:18.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ukupheleliswa kwesimilo soMkrestu kutholakala lapho isifiso sokusiza nokubusisa abanye sivumbuka njalo ngaphakathi."-*The Acts of the Apostles,* p. 551.

**a. Kungamuphi umqondo uKristu ebhekisa uthando lobuzalwane "njengomyalo omusha"-na? Johane 13:34.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Kubafundi lomyalo wawumusha; ngoba babengathandani njengokuba uKristu ebathandile. Wabona ukuthi umbono omusha nokuzibophezela kwakufanele kubalawule; ukuze izimiso ezintsha zisetshenziswe yibo; ngokuphila Kwakhe nangokufa kwakufanele bamukele umcabango omusha wothando. Umyalo wokuba bathandane bewuyincazelo entsha yokukhanya komhlatshelo wokuzidela Kwakhe. Umsebenzi wonke womusa uyinkonzo eqhubekayo yothando, ukuzidela, ukuzincintsha, nomzamo wokuzinikela. Phakathi kwehora ngalinye lohambo lukaKristu emhlabeni, uthando lukaNkulunkulu bolugobhoza lusuka Kuye ngemizila engenakuvinjelwa. Bonke abathelwe ngoMoya Wakhe bazothanda njengoba athanda. Sona lesimiso esashukumisa uKristu sizoshukumisa bonke ekuphatheni kwabo omunye nomunye."-*The Desire of Ages,* p. 677, 678.

**b. Kuyini okwembula ukuthi singamadodana kaNkulunkulu nabahlobo bakaKristu-na? Roma 8:14; 1 Johane 3:10.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Inkolo equkethe ekwenzeni amazwi kaKristu; ayenzeli ukuba izuze umusa kaNkulunkulu, kodwa ngenxa, sonke asiwufanele, sithole isipho sothando Lwakhe. UKristu ubeke insindiso yomuntu, kungesikho phezu kokuzisho kuphela, kodwa phezu kokukholwa okubonakaliswa ngemisebenzi yokulunga. Ukwenza, kungesikho ngokuzisho kuphela, okulindelwe kubalandeli bakaKristu. Kungenxa yesenzo okwakhiwa ngaso isimilo. 'Ngokuba bonke abaholwa nguMoya kaNkulunkulu, labo bangabantwana bakaNkulunkulu.' Roma 8:14. Kungesibo labo izinhliziyo zabo zithintwa nguMoya, kungesibo labo manje bezinikele emandleni awo, kodwa labo abaholwa nguMoya, ngamadodana kaNkulunkulu."-*Thought from the Mount of Blessing,* pp. 149, 150.

"Isimilo nobuntu babalandeli bakaKristu kuzofana nokweNkosi yabo. Uyisibonelo, isilinganiso esingcwele nesiphelele esinikezwe amaKristu ukuba basilingise. Abalandeli Bakhe beqiniso bazothanda abazalwane babo futhi bavumelane nabo. Bazothanda omakhelwane babo njengoba uKristu ebanike isibonelo futhi bazokwenza noma yikuphi ukuzidela uma ngokwenze njalo bakhuthaze imiphefumulo ukuba ishiye izono zazo futhi iphendukele eqinisweni."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, pp. 58, 59.

## 3. IGAMA ELIKHETHEKILE — Ngolwesibili, Ncwaba 19

**a. Yiliphi igama uJesu alibeka phezu kwabalandeli Bakhe abathembekile, futhi kungani-na? Johane 15:15, 14.**

________________________________________________________________________

"Kusho uKristu: 'Ningabahlobo Bami, uma nenza lokhu enginiyala ngakho.' Lesi isimiso esibekiwe; lesi isivivinyo esifakazela izimilo zabantu."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 188.

"Namuhla isikhathi selungelo elizothile nethemba elingcwele kwizinceku zikaNkulunkulu. Uma lokukholwa kugcinwa ngokuthembeka, umvuzo uzobamkhulu kakhulu wenceku ethembekile lapho iNkosi izokhuluma amazwi athi: 'Landa ngobuphathi bakho.' 'Ukusebenza ngokuzimisela, umsebenzi wokudela, ukubekezela, umzamo okhuthazelayo, uzovuzwa kakhulu; uJesu uzothi: Emva kwalokho anisezona izinceku, kodwa abahlobo, noma izihambi. Ukuvuma kweNkosi akunikezwa ngenxa yomsebenzi omkhulu owenziwe, ngoba izinto eziningi zithe zazuzwa, kodwa ngenxa yokuthembeka ezintweni ezincane. Akuyona imiphumela emikhulu eniyizuzile, kodwa ngenxa yamandla esisebenza ngawo, esilinganiswa noNkulunkulu. Uvuza ubuhle nokuthembeka kakhulu kunobukhulu bomsebenzi owenziwe."-Ibid.*,* vol. 2, pp. 510, 511.

**b. Kungayiphi inhloso uJesu asikhetha, futhi kuziphendulela kuni okuhambisana nalelungelo-na? Johane 15:16, 17.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UMsindisi wethu wembula uthando kithi uthando lolo umuntu angeke alulinganisa. Lapho sisalimele futhi singababafayo, waba nozwelo kithi. Azange asidlulisele ngakolunye uhlangothi, asishiye, singenasizo futhi singenathemba, ukuba sibhubhe kuphela. Akazange ahlale ebungcweleni Bakhe, ekhaya elithokozisayo, lapho wayethandwa ngumbuthwano wonke wasezulwini. Wabheka isidingo esibuhlungu. Wathabatha isimo sethu, futhi wakhombisa intakazelelo Yakhe naleyo yabantu. Wafa ukuba asindise izitha Zakhe. Wakhulekela ababulali Bakhe. Ekhomba kwisibonelo Sakhe, uthi kubalandeli Bakhe, 'Nginiyala ngalezozinto, ukuze nithandane'; 'njengalokho Nginithandile, nani nithandane.' Johane 15:17; 13:34."-*Christ's Object Lessons,* pp. 381, 382.

"Singazisho ukuthi singabalandeli bakaKristu, singafakaza ukuthi sikholwa amaqiniso onke asezwini likaNkulunkulu; kodwa lokhu angeke kwasiza omakhelwane bethu ngaphandle kokuthi inkolo yethu ithwalelwa ekuphileni kwethu nsuku zonke."-Ibid., p. 383.

**a. Kuyini umhlaba okwenzayo kubahlobo bakaKristu-na? Kungani-na? Johane 15:18, 19.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Uma abantu behlanganiswa ndawonye, kungesikho ngokucindezela noma ubugovu, kodwa ngothando, babonisa ukusebenza komfutho ongaphezu komfutho womuntu wonke. Lapho kukhona lobunye, ubufakazi bokuthi umfanekiso kaNkulunkulu ubuyiselwe ebantwini, nokuthi umyalo omusha wokuphila uthe watshalwa. Kuyabonakala ukuthi akhona amandla kwimvelo engcwele okumelana nemvelo yezithunywa ezimbi, nokuthi umusa kaNkulunkulu uthobisa ubugovu bozalo enhliziyweni yemvelo.

"Loluthando, oluboniswa ebandleni, luzonyakazisa ulaka lukaSathane ngempela. UKristu akazange abekele abafundi Bakhe indlela elula."-*The Desire of Ages,* p. 678.

**b. Kungani umhlaba washushisa uKristu, futhi kungani abalandeli Bakhe beshushiswa-na? Johane 3:19, 20; 15:20, 21.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Phakathi kokulunga nesono, uthando nenzondo, iqiniso namanga, kukhona impi engalawuleki. Uma omunye eveza uthando lukaKristu nobuhle bobungcwele, udonsela kude izikhonzi zombuso kaSathane, nenkosana yobubi iyavuswa ukumelana naye. Ukuhlupheka nokusolwa kulindele bonke labo abathelwe ngoMoya kaKristu. Isimilo sokushushiswa siyaguquka ngezikhathi zonke, kodwa isimiso-nomoya owengamelayo-uyafana nalowo owabulala abakhethiweyo beNkosi kusukela ezinsukwini zika-Abela."-*Thoughts from the Mount Blessings,* p. 29.

"Iqiniso likaNkulunkulu alizange lithandeke emhlabeni. Inhliziyo yenyama kaningi ayivumi iqiniso. Ngiyambonga uNkulunkulu ukuba ngilahle uthando lomhlaba. Nokuzigabisa kwenhliziyo, futhi nako konke okuphenduka isithombe, ukuze sibe ngabalandeli boMuntu waseKhalvari. Labo abalalela iqiniso angeke bathandwa futhi bahlonishwa ngumhlaba. Ukusuka ezindebeni zikaThishela ongcwele, njengoba wayehamba ngokuzithoba phakathi kwabantwana babantu, kwakuzwakala amazwi: lowo ozoba ngumfundi Wami, makathabathe isiphambano, angiLandele. Yebo, landela Isibonelo sethu: ingabe wayefuna inhlonipho nodumo lwabantu-na? Cha, nakanye! Ingabe sizofuna udumo nokunconywa okuvela emhlabeni-na?

"Labo abangenalo uthando lukaNkulunkulu angeke bathanda abantwana bakaNkulunkulu. Lalela amazwi eseluleko sasezulwini: 'Maye kinina, nxa abantu bonke bekhuluma kahle ngani."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 491.

## 5. UTHANDO OLUNGCWELE EKUPHILENI KWABAKHOLWAYO Ngolwesine, Ncwaba 21

**a. Umpostoli uPawule uhlukanisa kanjani phakathi kothando lwamanga lumelene nothando lweqiniso loMkrestu-na? 1 Korinte 13:1-8.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Noma ukuzisho kungaba kukhulu kangakanani, lowo inhliziyo yakhe engagcwaliswanga ngothando lukaNkulunkulu nabangane bakhe akayena umfundi kaKristu weqiniso. Noma enokukholwa okukhulu futhi enamandla okwenza izimangaliso, nokho ngaphandle kothando ukukholwa kwakhe kuyize. Angabonisa ukuphana okukhulu; kodwa uma yena, ngezinye izindlela kunothando lweqiniso, enikela ngempahla yakhe yonke ukondla abampofu, isenzo angeke samsiza emuseni kaNkulunkulu. Ngokushiseka kwakhe hleze ahlangabezane nokufela ukholo, kodwa uma engaqhutshwa uthando, uzobhekwa nguNkulunkulu njengothanda ukukhohlisa noma ofuna ukuzenzela."-*The Acts of the Apostles,* pp. 318, 319.

**b. Kuyini esingakuqonda ngezimpawu ezinikezwe nguKristu kuSambulo 3:10-12, kanye nezithembiso kulabo abanazo.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Izambatho ezicwebile nezingcwele azilungele ukwembathwa noma ngubani emva kokungena ngesango lomuzi. Bonke abazongena bazoba nengubo yokulunga kukaKristu negama lukaNkulunkulu lizobonakala emabunzini abo. Legama liwuphawu abapostoli abalibona embonweni, futhi labonisa ukuzinikela kwengqondo ekuhlakanipheni nokulalela okuthembekile yonke imithetho kaNkulunkulu. Angeke kwabakhona ukwembozwa kwezono namaphutha okufihla ukonakala kwesimilo; azikho izambatho ezizohlanzwa inxenye; kodwa bonke bazocweba futhi bangabi nabala."-*The Youth's Instructor,* Ncwaba 18, 1886.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE NgoLwesihlanu, Ncwaba 22

1. **Yiziphi izimfanelo zothando lwaphezulu uKristu afuna ukuzikhulisa kimi-na?**
2. **Kuyini okungivimbelayo ekutholeni uthando oluzidelayo ngokugcwala kwalo-na?**
3. **Umyalo kaKristu ungaba musha kimi kanjani-na?**
4. **Kungani kungafanele ngimangale uma ngishushiswa-na?**
5. **Chaza izibusiso zabakholwayo ngesikhathi saseFiladefiya.**

# Umsebenzi kaMoya Ongcwele

**IVESI LEKHANDA: "Lapho esefikile yena, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela" (Johane 16:8).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 8, pp. 14-23.

"NgemiBhalo uMoya Ongcwele ukhuluma engqondweni, ucindezele iqiniso enhliziyweni. Kanjalo wembula amaphutha, futhi uwaxoshe emphefumulweni. Kungenxa yoMoya weqiniso, osebenza ngezwi likaNkulunkulu, ukuthi uKristu athobise abantu Bakhe abakhethiweyo."-*The Desire of Ages,* p. 671.

## 1. "ANGEKE NGINISHIYE NINGENAYE UMDUDUZI" NgeSonto, Ncwaba 24

**a. Yibuphi ubunzima abafundi ababezohlangana nabo emva kokwenyuka kukaKristu-na? Johane 16:1-3.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"INkosi yazi konke ngezinceku Zayo ezithembekile lezo ngenxa Yakhe zilele ematilongweni noma zidingiselwe kwiziqhingi eziyihlane. Uyaziduduza ngobukhona Bakhe. Uma ngenxa yeqiniso okholwayo ema kwizinkundla zokungalungi, uKristu uma ohlangothini lwazo. Konke ukusolwa okuwela phezu kwazo, kuwela phezu kukaKristu. UKristu ujeziswa kaningi ebuntwini babafundi Bakhe. Uma omunye evalelwa phakathi kwezindonga zejele, uKristu ujabulisa inhliziyo ngothando Lwakhe."-*The Desire of Ages,* p. 669.

**b. Kuyini okwathenjiswe abafundi-futhi kanjani-na? Johane 14:18; 15:26.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"[UKristu] wazimisela ukunika izikhulumeli Zakhe, umuntu wesithathu wobuNkulunkulu. Isipho asikwazanga ukugqama. Wayezonikela zonke izipho kubekanye, futhi ngenxa yalokho uMoya ongcwele, oguqulayo, okhanyisayo, namandla angcwelisayo, bekuzoba ngumnikelo Wakhe."-*My Life Today,* p. 36.

## 2. UMSEBENZI WOMDUDUZI — NgoMsombuluko, Ncwaba 25

**a. Yimuphi umehluko phakathi kobudlelwano bukaKristu nabalandeli Bakhe ozokwenzeka emva kokwenyuka Kwakhe-na? Johane 16:7.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Kusukela manje ukuya phambili uMoya, uKristu wayezohlala ezinhliziyweni zabantwana Bakhe. Ubudlelwane babo Naye babusondele kakhulu kunangesikhathi ayenabo uqobo. Ukukhanya, nothando, namandla okuhlala ngaphakathi kukaKristu azobonakala kubo ngaphandle."-*Steps to Christ,* p. 75.

**b. Yimuphi umsebenzi ofinyelela kude uMoya Ongcwele ozowenza ngenxa yezoni-na? Johane 16:8-11.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UMoya unikeziwe njengesithunywa esivuselelayo, ukwenza iphumelele insindiso eyenziwa ngokufa koMhlengi wethu. UMoya ufuna njalo ukudonsela ukunaka kwabantu kumnikelo omkhulu owenziwa esiphambanweni saseKhalvari, ukwembulela umhlaba uthando lukaNkulunkulu, nokuvulela umphefumulo ozisolayo izinto eziyigugu zemiBhalo.

"Njengoba aletha ukulahlwa ngenxa yesono, futhi waletha engqondweni isilinganiso sokulunga, uMoya Ongcwele ubuyisa intando isuke ezintweni zomhlaba futhi igcwalise umphefumulo ngesifiso sobungcwele. 'Uzakuniholela kulo lonke iqiniso' (Johane 16:13), kusho uMsindisi. Uma abantu bethanda ukubunjwa, bazolethwa ekungcwelisweni komzimba wonke. Umoya Ongcwele uzothatha izinto zikaNkulunkulu uzigcizelela emphefumulweni. Ngamandla Akhe indlela yokuphila izokwenziwa ngokukhanyayo ukuze kungabikho ophambukayo."-*The Acts of the Apostles,* pp. 52, 53.

**c. Yimuphi omunye umsebenzi obalulekile uMoya Ongcwele ozowugcwalisa phambi komhlaba-na? Johane 15:26.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Kungenxa yobudlelwano boMoya Ongcwele nobufakazi abaphilayo ukuxwayisa umhlaba. Isisebenzi sikaNkulunkulu siyisithunywa lapho ukuxhumana kwezulu kunikezwa khona, futhi uMoya Ongcwele unikeza igunya elingcwele ezwini leqiniso."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 6, p. 1053.

## 3. UKUFAKAZELA U-KRISTU — Ngolwesibili, Ncwaba 26

**a. Ngaphandle koMoya Ongcwele, ngubani omunye ozofakazela uKristu-na? Johane 15:27; 1 Johane 1:1-3. Kanjani-na?**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Usomabhizinisi angaphatha ibhizinisi lakhe ngendlela ezodumisa iNkosi yakhe ngenxa yobuqotho bakhe. Uma engumlandeli kaKristu weqiniso uzothwala inkolo yakhe kuzo zonke izinto ezenziwayo futhi embule ebantwini umoya kaKristu. Umkhandi wezimoto angahlakanipha futhi abe ngummeli Wakhe othembekile lowo owakhandleka ekuhambeni okuthobekile kokuphila phakathi kwamagquma aseGalile. Wonke umuntu obiza igama likaKristu kumele asebenzele ukuthi abanye, ngokubona imisebenzi emihle, bangaholelwa ekudumiseni uMdali wabo noMhlengi**….**"

"Ngomoya wothando singenza imisebenzi ethobekile yokuphila 'kungathi kwenzelwa iNkosi.' Kolose 3:23. Uma uthando lukaNkulunkulu lusenhliziyweni, luzobonakaliswa ekuphileni. Usawoti omnandi kaKristu uzosiphahla, nomfutho wethu uzosiphakamisa futhi usibusise."-*Steps to Christ,* pp. 82, 83.

**b. Yisiphi isithembiso esikhethekile sesikhathi esizayo esinikezwa abantu bakaNkulunkulu ezikhathini zeTestamende Elidala ngomprofethi uJoweli-na? Joweli 2:28, 29.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

**c. Kunini nakanjani lesiprofethi sagcwaliseka impela-na? Izenzo 2:1-7, 16-18.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ukwenyukela kukaKristu ezulwini bokuluphawu lokuthi abalandeli Bakhe kufanele bamukele isibusiso esithenjisiwe. Ngalokhu kwakufanele balinde ngaphambi kokuba bangene emsebenzini wabo. Lapho uKristu engena phakathi kwamasango asezulwini, wangena ebukhosini phakathi kokudunyiswa izingelosi. Emva kokuthi lenkonzo isiphelile, uMoya Ongcwele wehlela phezu kwabafundi ngemizila enothile, futhi uKristu wakhazimuliswa, ngisho nangenkazimulo ayeNayo noBaba kusukela phakade. Ukuthululwa kwepentekoste bekungukukhumisana kweZulu ukuthi ukubekwa esihlaweni koMhlengi kufezekile. Ngokuya ngesithembiso Sakhe uthumele uMoya Ongcwele uvela ezulwini uya kubalandeli Bakhe njengophawu lokuthi, njengompristi nenkosi, othole lonke igunya ezulwini nasemhlabeni, futhi unguLowo oGcotshiweyo phezu kwabantu Bakhe."-*The Acts of the Apostles,* pp. 38, 39.

**a. Sazi kanjani isithembiso sikaJoweli 2:28-32. Siyasebenza nakithi namuhla-na? Izenzo 3:19.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lesi sithembiso singesethu ngokufanayo njengoba sasinjalo kubo, futhi silethwa kancane phambi kwabantu, nokwamukelwa kwaso kukhuluma ebandleni. Umphumela wokuthula phezu kwezihloko ezibalulekile, yisiphi isithembiso esisazi kancane ngokugcwaliseka kwaso okusebenzayo kunesithembiso esinothile sesipho sikaMoya Ongcwele, lapho ukuqeqesheka kumele kunikezwe kuko konke ukusebenza kwesimoya-na? Silethwa kancane isithembiso soMoya Ongcwele ezintshumayelweni zethu, nokuthintwa phezu kwaso kwenzeka ngokungazelele, futhi yilokho kuphela. Iziprofetho zithe zagxila phezu kwaso, izimfundiso zithe zasikhanyisa; kodwa lokhu okubalulekile ebandleni ukuze likhule emandleni esimoya kanye nekhono, ukuze ukufundisa kungathwala ukuqiniseka kwaso, nemiphefumulo iguqulelwe kuNkulunkulu, kuthe kwashiywa ngaphandle emizameni yokufundisa."-*Testimonies to Ministers*, p. 174.

"Uma ilunga nje lebandla lingavuka lenze umsebenzi elingawenza, liphume ukuya empini ngokuzithandela, ngamunye ebheka ukuthi angafeza okungakanani ekuzuzeni imiphefumulo kuJesu, singabona abaningi beshiya indawo kaSathane ukuba beme ngaphansi kwebhanela likaKristu. Uma abantu bethu bangasebenza ngokukhanya okunikezwa ngamazwi ambalwa eseluleko, sizobona ngempela insindiso kaNkulunkulu. Ukuvuseleleka okumangalisayo kuzolandela. Izoni zizophenduka, nemiphefumulo eminingi izokwengezwa ebandleni. Uma siletha izinhliziyo zethu ebunyeni noKristu, nokuphila kwethu kuvumelana nomsebenzi Wakhe, uMoya owehlela phezu kwabafundi ngosuku lwePentekoste uzowela kithi."-*Testimonies to Ministers*, vol. 8, p. 246.

**b. Kuyini ngempela okumele kusikhathaze namuhla, futhi kuyini okumele sikukhulekele ngokushiseka eNkosini-na? Johane 16:12-14; Zakariya 10:1.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Maye, sidinga kangakanani sonke ukubhapathiza koMoya Ongcwele. Kanjalo-ke sizohlala sisebenza ngomqondo kaKristu, ngobumnene, umusa, nozwelo, sizobonisa ukuthanda isoni lapho sizonda isono ngenzondo ephelele."-*Evangelism,* p. 369.

"Kudingeka kubekhona ukuvuka phakathi kwabantu bakaNkulunkulu, ukuze umsebenzi Wakhe ungaqhubekela phambili ngamandla. Sidinga ukubhapathiza koMoya Ongcwele. Kufanele siqonde ukuthi uNkulunkulu uzokwengeza izigaba zabantu Bakhe amadoda anekhono nomfutho, abazokwenza eyabo inxenye ukuxwayisa umhlaba."-Ibid., pp. 558, 559.

## 5. UKULUNGISELELA — Ngolwesine, Ncwaba 28

**a. Kufanele silungiselele kanjani ukuthululwa koMoya Ongcwele ngamandla emvula yamuva-na? Hoseya 6:1-3.**

_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________

"Ngabona ukuthi abaningi abanaki ukwenza amalungiselelo adingeka kakhulu futhi ababheki isikhathi 'sokuhlunyelelwa' kanye 'nemvula yamuva' ezokwenza bakwazi ukuma ngosuku lweNkosi futhi baphile phambi Kwayo. Maye, bangakhi engababona ngesikhathi sohlupho bengenaso isivikelo! Bathe badembesela amalungiselelo adingekayo; ngakho-ke angeke bathola ukuhlunyelelwa lokhu bonke okumele babenakho ukulungela ukuphila phambi kukaNkulunkulu ongcwele. Labo abalungele ukuhluzwa ngabaprofethi futhi behluleka ukuhlanza imiphefumulo yabo ngokulalela lonke iqiniso, futhi nalabo abathanda ukukholwa ukuthi isimo sabo singcono kakhulu kunalokhu esiyikho, bazofinyelela esikhathini sokuwa kwezibetho, futhi bazobona ukuthi bebadinga ukuqoshwa balungele isakhiwo. Kodwa angeke sibekhona isikhathi sokwenza lokho futhi engekho noMlamuli wokuncengela indlela yabo phambi kukaBaba. Ngaphambi kwalesikhathi isimemezelo esesabekayo nesizothile sizobe sesimenyezelwe, 'Ongalungile makenze njalo ukungalungi: nongcolileyo makazingcolise njalo kepha olungileyo makenze njalo ukulunga, nongcwele makazingcwelise njalo.' Ngabona ukuthi akukho noyedwa ongabelana 'nokuhlunyelela' ngaphandle kokuthi bathole ukunqoba konke ukuhlaselwa, ukuzigabisa, ubugovu, ukuthanda ilizwe, nangalo lonke izwi eliphambukile nesenzo. Kufanele, manje, sisondele eduze kakhulu eNkosini sifune ngokuqiniseka ukuthi amalungiselelo abalulekile asisize ukuma empini nsuku zonke ngosuku lweNkosi. Bonke mabakhumbule ukuthi uNkulunkulu ungcwele nokuthi akukho noyedwa ngaphandle kwezidalwa ezingcwele ezizohlala njalo ebukhoneni Bakhe."-*Early Writing,* p. 71.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ncwaba 29

1. **Msebenzi muni owenziwa uMoya Ongcwele kimi-futhi ufuna ukungisebenzisa kanjani ngesilinganiso esikhulu njengethulusi esandleni sikaNkulunkulu-na?**
2. **Kuyini okungangivimbela ukwamukela uMoya Ongcwele ngokugcwele-na?**
3. **Ngeyiphi inxenye engingasiza ngayo ibandla lami ukuthola ukugcwala koMoya-na?**
4. **Chaza ukusebenza koMoya Ongcwele emhlabeni.**
5. **Chaza ukusebenza kwesiprofetho sikaJoweli 2:28-32.**

# UMNIKELO WESABATHA LOKUQALA

## ISabatha, Mandulo 6, 2025

### Isikolo Endaweni yase-Mahoko, eRwanda

Ilizwe laseRwanda ilizwe eliseMpumalanga yeAfrika, lizungezwe iTanzania, iDemocratic Republic of Congo, iUganda, neBurundi. Umnotho welizwe uthe wakhula kusukela ngonyaka ka 2000 ngenxa yekofi kanye nokuthunyelwa ngaphandle kwelizwe imikhiqizo yezolimo, yensipho, amandla, namanzi asemabhodleleni, nokunye. Futhi yilizwe elidume ngeziNtaba Eziyinkulungwane, kuleminyaka edlule, iRwanda ilokhu iheha izivakashi ngobuhle belizwe-kakhulukazi imifula kanye neziqhingi, ngisho nedolobha iMahoko, lapho kukhona umsebenzi wezikolo zethu.

Ngabantu abangaphezu kwezigidi ezingu 13, ulwimi lozalo lwalapha iKinyarwanda, isiFrench, neEnglish (izilimi ezikhulunywa ngabantu abalinganiselwa ku20%), kanye neSwahili. Phakathi kwabantu bonke, I 43.7% ngamaKatolika, 37.7% ngamaProtestanti oqobo, 11.8% ngamaSeventh Day Adventist (abalelwa kwixuku elihlukile kwamanye amaProtestanti), futhi i2.0% ngamaMuslim, alandelwe ngabanye.

Ngaphezu kwalokho zonke izinkolo ezifakazelwayo lapha, kwilizwe elikhulayo ngokona, sibona isidingo esikhulu sokutshala ngemfundo yabantwana bethu. “Imfundo yangempela uqeqesho lokuhambisa ivangeli. Yonke indodana nendodakazi kaNkulunkulu ibizelwe ukuba ngumvangeli; sibizelwe umsebenzi kaNkulunkulu kanye nabangani bethu; ukuba silungele umsebenzi wakhe kufanele kube umgomo wemfundo yethu.”-*The Ministry of Healing,* p. 395.

Okuzungeze abantwana bethu izinto zomhlaba, kuyaqhubeka ukubanzima kakhulu ukubavikela kubuqili bukaSathane. Lokhu kuqala okwakungelula ukukuthola manje kunamatheliswe kubantwana bethu “ngamasmart” phone nezinye izinto zokuxhumana. Singalungela kanjani umsebenzi wokuvangela uma abantwana bethu bangawulungele-na? Sikhathazekile kakhulu ngoba abantwana bethu bafunda ezikolweni zombuso futhi baphoqelelwa ukuba baye ezikolweni ngosuku lweSabatha. Kanjalo, isidingo siyaphuthuma.

Njengoba izimali zethu zinganele, sicela abazalwane bethu emhlabeni wonke ukuba basisize ngeminikelo maqondana nesakhiwo salesikolo.

Lapho Umnikelo WeSabatha Lokuqala uqokelelwa, niyacelwa ukuba ninikele ngesihle, ukuze uNkulunkulu akhazimuliswe ngenxa yomsebenzi wesikolo lapha phakathi kwezintaba eziyinkulungwane. Ngumkhuleko wethu ukuthi iNkosi ingabusisa izipho nabanikelayo!

*Abazalwane nodade abavela eRwanda*

# UKristu Ukhulekela Abafundi Bakhe (1)

**IVESI LEKHANDA: "Ngiyabakhulekela bona, angikhulekeli izwe kepha labo ongiphe bona, ngokuba bangabakho. Konke okwami kungokwakho, nokwakho kungokwami; ngikhazimulisiwe kubona" (Johane 17:9, 10).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 737-746.

"Lomkhuleko [kuJohane 17] uyisifundo esiqondene nokulamula lokho uMsindisi azokwenza ngaphakathi kweveyili, lapho umhlatshelo Wakhe omkhulu ngenxa yabantu, umnikelo Wakhe, uzobe usuphothuliwe."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.Whites Comments], vol. 5, p. 1145.

## 1. UMKHULEKO WOKUGCINA KA-KRISTU ENABAFUNDI BAKHE NgeSonto, Ncwaba 31

**a. Ngemuva kokuba uJesu eqedile ukunikeza abafundi imiyalo, kuyini akwenza nabo okokugcina-na? Johane 17:1, 9.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"[UJohane 17:1-6 ngokuphindwa.] Lona ngumkhuleko wokugcina kaKristu kanye nabafundi Bakhe. Wawunikela maduze nje ekungeneni eNsimini yaseGetsemane, lapho ayezokhashelwe khona futhi athathwe."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.Whites Comments], vol. 5, p. 1145

**b. Kuyini uKristu akwembula ekuqaleni komthandazo-na? Johane 17:1, 2.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"Isahluko seshumi nesikhombisa sikaJohane sikhuluma ngokusobala maqondana nobuntu bukaNkulunkulu noKristu, kanye nobuhlobo babo omunye komunye."-Ibid.

"Funda umkhuleko kwisahluko seshumi nesikhombisa sikaJohane. Lesahluko akufanele sifundwe ngokuphinda phindwa kuphela; amaqiniso aso kufanele adliwe futhi afanekiswe."-*Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 80.

**a. Yiliphi iqiniso eliqavile uJesu alimemezela njengesisekelo sokuphila okuphakade-na? Johane 17:3.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Ulwazi ngoNkulunkulu njengoba lembuliwe kuKristu ulwazi lolo bonke abasindisiwe okumele babenalo. Lolu ulwazi olusebenza inguquko esimilweni. Uma lamukelwa ekuphileni, lizodala kabusha umphefumulo ngomfanekiso kaKristu. Lolu ulwazi uNkulunkulu amema abantwana Bakhe ukuba balamukele, ngaphandle kwalo konke kuyize futhi akulutho."-*The Acts of the Apostles*, p. 475.

"Kusho uJesu: 'UBaba ngoKwakhe uyanithanda.' Uma ukukholwa kwethu kugxile phezu kukaNkulunkulu, ngoKristu, kuzofakazela 'njengehange lomphefumulo, bobabili beqinisekile futhi beqinile, nabangena ngaphakathi kweveyili; noma oHamba ngaphambili kwethu usengenile.' Kuyiqiniso ukuthi ukudangala kuyeza; nezinhlupheko kumele sizilindele; kodwa kumele sibeke konke, okukhulu nokuncane, kuNkulunkulu. Akadideki ngokwanda kobunzima noma imithwalo esindayo nengaphezu kwamandla ethu. Ukunaka Kwakhe kwelulelwa kumkhaya wonke futhi kuzungeza umuntu ngamunye; unentakazelelo yomsebenzi wethu wonke kanye nosizi lwethu. Uphawula konke ukukhala; uthintwa imizwa yethu nobuthakathaka bethu. Konke ukuhlupheka nezilingo ezisehlelayo lapha zivunyelwa, ukusebebza kithi izinhloso Zakhe zothando Lwakhe kithi, 'ukuze sibe ngabahlanganyeli bobungcwele Bakhe' futhi kanjalo siba ngabahlanganyeli benjabulo ephelele etholakala ebukhoneni Bakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 742.

**b. Kusho ukuthini ukumazi uKristu, futhi uyini umphumela wolwazi olunjalo-na? Qhathanisa uHoseya 6:3 no Johane 17:3.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Kungenxa yokwazi uKristu kuphela ukuthi singamazi uNkulunkulu….Ukwazi uKristu ngokwesisekelo kumele kuqinise ulwazi lwesimoya, ukusebezisa amazwi Akhe. Ngaphandle kwalokhu, konke okunye kuyize.

"UKristu weza kulomhlaba ukuba embula uBaba. Ukubekezela okunjani, ubumnene obunesisa kanjani, uzwelo olungcwele kanjani, mandla-mani enhloso, awabonakalisayo! Akazange ehluleke noma adangale. Ubeyisithombe sokuhlanzeka, uthando Lwakhe lwalungafaniswa. Kwinyathelo ngalinye wayesebenzisa ukuzidela nokuzinikela. Ekufeni Kwakhe waba yisambulo sokubuyisana phakathi kukaNkulunkulu nomuntu"-*The Signs of the Times,* Masingana 27, 1898.

"Ukumazi uNkulunkulu ukumthanda Yena."-*The Desire of Ages,* p. 22.

**a. Ngesikhathi somsebenzi Wakhe, ukuphila kukaKristu emhlabeni kwakuhlanganisani-na? Johane 17:4.**

____________________________________________________________________________

"Kuzo zonke izenzo zomusa uJesu azenzayo, wayezama ukugcizelela kubantu ngobuzali, izenzo zomusa kaNkulunkulu. Kuzo zonke izifundo wayezama ukufundisa abantu amaqiniso okuthi 'UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.' UJesu ngabe waluqonda uthando lukaBaba, futhi ufuna ukusidonsela Kuye ngokubonisa umusa wobuzali….

"UJesu weza kulomhlaba ukufanekisa isimilo sikaNkulunkulu ngokuphila Kwakhe, futhi wabuyisela emuva ukuhlanekezela uSathane akumisile, futhi wembula inkazimulo kaNkulunkulu. Kwakungukuphila phakathi kwabantu ukuthi angembula umusa, uzwelo, nothando lukaBaba Wakhe osezulwini; kodwa bekuyizenzo zokuphana ezazibeka phambili umusa kaNkulunkulu."-*Sons and Daughters of God,* p. 139.

**b. Kuyini uJesu akucela kuBaba ekupheleni komsebenzi Wakhe emhlabeni-na? Johane 17:5.**

____________________________________________________________________________

"UKristu akakhulelekeli ukwembulwa kwenkazimulo yemvelo yomuntu; ukuthi imvelo yomuntu ayizange ibekhona ebukhoneni Bakhe bangaphambili. Ukhuleka kuBaba Wakhe maqondana nenkazimulo anayo nobunye Bakhe noNkulunkulu. Umkhuleko Wakhe yilowo olamulayo; umusa unxusa ukubonakaliswa kwenkazimulo engcwele abeNayo lapho emunye noNkulunkulu. Iveyili malisuswe, Esho, futhi inkazimulo Yami ikhazimule phambili-futhi vumela inkazimulo Yami ikhanye ngaphambili-inkazimulo ebenginayo ngaphambi kokuba ilizwe libekhona."-*The Signs of the Times,* Nhlaba 10, 1899.

"Lomhlaba uyinto encane ebukhosini obukhulu uNkulunkulu ahlala kuwo, nokho lomhlaba omncane owileyo-imvu eyodwa edukileyo-iyigugu kakhulu phambi Kwakhe kunaleyo engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyalolunye engadukile emhlambini. UKristu, UMphathi onothando ezigodlweni zezulu, wehla esimeni Sakhe esiphakeme, wabekela eceleni inkazimulo ayeNayo noBaba, ukuze asindise umhlaba odukileleyo. Ngalokho washiya imihlaba engenasono ngaphezulu, engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye emthandayo, weza kulomhlaba, Yebo, walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu' futhi 'yachotshozwa ngobubi bethu.' (Isaya 53:5.) UNkulunkulu wazinikela ngeNdodana Yakhe ukuze ajabule ukubuyisela emuva imvu ebilahlekile."-*Christ's Object Lessons,* pp. 190, 191.

**a. Ngokuhlangana noKristu, abafundi bafinyelela komuphi umqondo maqondana namazwi Akhe-na? Johane 7:17; 17:7. Uyini umsebenzi wethu namuhla-na?**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Labo abafuna ukwazi iqiniso nokuqonda intando kaNkulunkulu, abathembekile ekukhanyeni kwalo futhi beshisekela ukwenza imisebenzi yabo nsuku zonke, bazoyazi ngempela imfundiso, ngoba bazoholelwa ekulazini iqiniso. UNkulunkulu akathembisi, ngezenzo ezinkulu zokuhlinzekela Kwakhe, ngokungenakuvinjelwa alethe abantu elwazini leqiniso Lakhe, uma bengalifuni iqiniso futhi bengenasifiso sokwazi iqiniso. Abantu banamandla okucima uMoya kaNkulunkulu; amandla okukhetha asele kubo. Bavunyelwe inkululeko yokwenza. Bangaba ngabalalelayo ngegama nomusa woMhlengi wethu, noma bazolalela, babone imiphumela. Umuntu unokuziphendulela ngokwamukela noma ukwenqaba iqiniso elingcwele neliphakade. UMoya kaNkulunkulu uyaqhubeka ukusidelisa, nemiphefumulo iyakhetha noma imelane neqiniso."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, pp. 427, 428.

**b. Kuyini uJesu akusho kuYise maqondana nenkolelo yabapostoli-na? Johane 17:8. Kungayiphi indlela lamazwi esebenza kithi namuhla-na?**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"[UJohane 17:3, 8 ngokuphindwa.] Lona ngumsebenzi obekwe phambi kwethu, wokuba ngabameli baKristu, njengoba wayeKhona emhlabeni wethu engumkhulumeli kaBaba. Kufanele sifundise amazwi esinikwe wona ezifundweni zikaKristu…Kufanele sibe sosukwini lokubuyisana koqobo, futhi akusikho ukuthi kufanele sithobise izinhliziyo zethu phambi kukaNkulunkulu futhi sivume izono zethu, kodwa kufanele, ngethalenta lemfundo yethu, sifune ukweluleka labo esihlangana nabo, sibabuyise ngesimiso nangesibonelo sokumazi uNkulunkulu noJesu Kristu amThumileyo."-*Christian Education*, p. 157.

**c. Kungenxa yobani, ngokuqondile, uJesu anikela umkhuleko Wakhe otholakala kuJohane 17-na? Johane 17:9, 20.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"[UKristu] ulamulela labo abathobekile kakhulu, abacindezelwe kakhulu nabahluphekile, kulabo abalingwayo kakhulu nabavivinywayo."-*Our High Calling*, p. 49.

## 5. UKRISTU EKHAZIMULISWA KUBAFUNDI BAKHE — Ngolwesine, Mandulo 4

**a. UJesu wakhazimuliswa kanjani ngababafundi Bakhe-na? Johane 17:10, 11. Kuyini okudingekayo ukuze lomsebenzi wenziwe-na?**

_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________

"UKristu waceba ukuthi uhlelo lwasezulwini, ukuhlelwa kombuso wasezulwini, ukuvumelana okungcwele kwasezulwini, kuzofanekiswa ebandleni Lakhe lasemhlabeni. Kanjalo ebantwini Bakhe uyakhazimuliswa. Ngabo iLanga Lokulunga lizokhanya ngokucwebezela okungasithezwanga emhlabeni…Ibandla, elimbathiswe ukuluLunga kukaKristu, liyindawo Yakhe yokubekela, lapho ingcebo yomusa Wakhe, ububele Bakhe, nothando Lwakhe, kufanele lubonakale ngokugcwele nangombukiso wokugcina. UKristu ubheka abantu Bakhe ngokuhlanzeka nokuphelela, njengomvuzo wokuthotshiswa Kwakhe, nokugcwaliswa kwenkazimulo Yakhe-UKristu, Isikhungo esikhulu, lapho yonke imisebe yenkazimulo ivela khona."-*The Desire of Ages,* p. 680.

"Kuphela uma bemunye noKristu abafundi bangaba nethemba lamandla aphelezelayo oMoya Ongcwele nokusebenzisana nezingelosi zezulu. Ngosizo lwezithunywa ezingcwele bazokwethula phambi komhlaba bemunye futhi bazonqoba empini abacindezelwa ngokuhlasela okungapheli kokumelana namandla obumnyama. Njengoba beqhubeka ukusebenza ngokuhlanganyela, izithunywa zezulu zizohamba phambi kwabo, ukuvula indlela; izinhliziyo zizolungiswa ukwamukela iqiniso, futhi abaningi bazozuzelwa kuKristu. Uma bezohlala kuphela bemunye, ibandla lizoqhubekela phambili 'emuhle njengenyanga, ecwebile njengelanga, kepha esabeka njengezimpi, na.' Isihlabelelo Sezihlabelelo 6:10. Akukho okungamelana nentuthuko eqhubekayo. Ibandla lizoqhubeka ukunqoba ukuya ekunqobeni, ngodumo oluqinisekile lomsebenzi ongcwele wokumemezela ivangeli emhlabeni."-*The Acts of the Apostles,* pp. 90, 91.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mandulo 5

1. **Ulwazi lomuntu uqobo ngoKristu luthinta kanjani isiphelo sami-na?**
2. **Kungayiphi indlela amava ami obuKrestu engasebenza njengethulusi lokufunda esandleni sikaNkulunkulu-na?**
3. **Kuyini engingakwenza ukukhazimulisa uKristu ngokugcwele-na?**
4. **Kungaphansi kwaziphi izimo uJesu athandaza okokugcina ekanye nabafundi Bakhe-na?**
5. **Chaza isizathu sokubonakala kokuqala kukaKristu.**

# UKristu Ukhulekela Abafundi Bakhe (2)

**“IVESI LEKHANDA: “Ngibazisile igama Lakho, ngizakubazisa lona ukuba uthando ongithande ngalo lube-kubo, Nami ngibe kubo” (Johane 17:26).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Sanctified Life,* pp. 69-69.

“Njengompristi omkhulu ongcwelisiwe olamulela abantu Bakhe. Njengomalusi othembekile ubuthela umhlambi Wakhe ngaphansi komthunzi kaSomandla, kwisiphephelo esinamandla nesiqinisekile. Ngaye silindele impi yokugcina noSathane, futhi uQhubekela phambili ukuhlangana nayo.”-*The Desire of Ages,* p, 680.

## 1. UBUNYE NO-KRISTU *NgeSonto*, Mandulo 7

**a. Yimuphi umcijo odingekayo wokuphumelela kwebandla uJesu awusho ngokuphindiwe kumkhuleko Wakhe wokulamulela-na? Johane 17:11 (isigaba sokugcina), 21-23.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

“[UKristu] wakhulekela abafundi Bakhe ukuba babemunye, njengoba Yena noBaba bemunye; futhi lobunye bamakholwa kufanele bube ubufakazi emhlabeni bokuthi usithumile, nokuthi sithwele ubufakazi bomusa Wakhe.”-*My Life Today,* p. 252.

“Uma sisondela eduze noNkulunkulu, umuntu ngamunye, kanjalo awuboni ukuthi umphumela uzobayini? Awuboni ukuthi sizosondelana omunye komunye? Angeke sisondele kuNkulunkulu, futhi siwele esiphambanweni esifanayo, ngaphandle kokuthi izinhliziyo zethu zihlanganiswe ndawonye ngobunye obuphelele.”-*Our High Calling,* p. 96.

**b. Ubunye bebandla bungafinyelelwa kanjani futhi bulondolozwe-na? 1 Johane 1:7.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

“Ubunye bamakholwa kuKristu buzokwenza ukuthi imiphumela yemvelo iholelwe ebudlelwaneni bomunye komunye; yisiphi isibopho sobunye esikhuthazela kakhulu emhlabeni. Sibanye kuKristu, njengoba uKristu emunye noBaba. AmaKristu angamagatsha, futhi amagatsha kuphela, eMvinini ophilayo.”-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 47.

**a. Kuyini uKristu akushoyo maqondana nabafundi Bakhe kanye nomhlaba-na? Johane 17:13, 14. Kungani umhlaba ubashushisa-na?**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"AmaKristu asendulo abengabantu abakhethekile ngempela. Ukuziphatha kwabo okumsulwa nokholo oluqinile ukukhuza okuqhubekayo okuphazamisa ukuthula kwesoni. Noma babembalwa ngokwesibalo, bengenamali, isikhundla, noma iziqu zokuhlonishwa, babesabeka kwabenza okubi noma kuphi izimilo zabo nezimfundiso bezaziwa. Ngakho-ke babezondwa ngababi, njengoAbela owayezondwa uKayini ongamesabi uNkulunkulu. Ngesizathu esifanayo leso uKayini abulala ngaso uAbela, benza kulabo abafuna ukulahla izivimbelo zoMoya Ongcwele, babulala abantu bakaNkulunkulu. Kungesizathu esifanayo leso amaJuda enqaba futhi abethela uMsindisi-ngoba ukuhlanzeka nobungcwele besimilo Sakhe bekungukhuza okuqhubekayo kubugovu babo nokonakala. Kusukela ezinsukwini zikaKristu kuze kube manje abafundi Bakhe abathembekile bathe bazondwa bemelene nalabo abathanda futhi belandela indlela yesono."-*The Great Controversy,* p. 46.

**b. Liyini icebo likaNkulunkulu ngabantwana Bakhe maqondana nomfutho welizwe othintekayo-na? Johane 17:15, 16.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"NgeSakhe isibonelo uMsindisi wabonisa ukuthi abalandeli Bakhe bangaba semhlabeni kodwa bangabi abomhlaba. Akazelanga ukuba ahlanganyele ekuzijabuliseni okukhohlisayo, ukupheshulwa amasiko alo, nokulandela ukwenza kwalo, kodwa ukwenza intando kaBaba Wakhe, ukufuna nokusindisa okulahlekile. Ngalenhloso ephambi kwawo amaKrestu angema engangcoliswa yilokhu okubazungezile. Noma ngeyiphi indawo okuyo noma izimo, eziphakeme noma ezithobekile, zizobonisa amandla enkolo yeqiniso ekwenzeni ngokuthembeka emsebenzini."-*The Acts of the Apostles,* p. 467.

"Izwe alinawo amakholwa eqiniso anele; ibandla lidinga amakholwa afana nalawa; umphakathi angeke wabayeka. Umkhuleko kaKristu kubafundi Bakhe uthi: 'Angiceli ukuba ubasuse ezweni, kepha ngicela ukuba ubalonde kokubi.' UJesu uyazi ukuthi sisemhlabeni, sivulekele kwizilingo zawo, kodwa uyasithanda, futhi uzosipha umusa wokunqoba umfutho wokonakala kwawo. Uzosenza sibe nezimilo eziphelele, ukuze ukungalaleli kwethu kungalethi isimo sokuziphatha okubi kwabanye."-*Testimonies for thr Church,* vol. 5, p. 334.

## 3. AMANDLA EQINISWENI — Ngolwesibili, Mandulo 9

**a. Ingabe iqiniso libenzelani labo abalaziyo futhi balilalele-na? Johane 8:32; Johane 17:17.**

__________________________________________________________________________

"Lapho iqiniso lamukelwo enhliziyweni, imvubelo yalo izolawula izifiso, ihlanze imicabango, futhi inandise ukuhlela….

"Izwi likaNkulunkulu kufanele libe nomphumela ongcwelisayo ebudlelwaneni bethu kwilunga ngalinye lomkhaya woluntu. Imvubelo yeqiniso angeke yaletha isithelo somoya wempikiswano, ukuthanda ukulangazela okuthile, isifiso sokuba ngowokuqala. Uthando lweqiniso lozalo lwasezulwini alunabo ubugovu futhi aluguquki. Alweyamanga ekudunyisweni ngumuntu. Inhliziyo yalowo owamukela umusa kaNkulunkulu izophuphuma ngothando kuNkulunkulu nakulabo uKristu abafelayo. Umina akakhathazeki ukuba aqashelwe. Akathandi abanye ngoba bemthanda futhi bemjabulisa, ngoba bethokozela ukufaneleka kwakhe, kodwa ngoba beyimfuyo ethengwe nguKristu. Uma izinhloso zakhe, amazwi, noma izenzo zakhe zingaqondwa noma ziyahlanekezelwa, akacunuki, noma aphisheke ngisho nomqashi wendlela yakhe. Unomusa futhi uyacabanga, uthobekile ngombono wakhe ngaye, kepha egcwele ithemba, uhlale ethembele kwinkumbulo yothando lukaNkulunkulu."-*Christ's Object Lessons,* pp. 100, 101.

**b. Iqiniso lingachazwa kanjani-na? Amahubo 119:142.**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

"Iqiniso njengoba linjalo kuJesu lingukulalela sonke isimiso sikaJehova. Ngumsebenzi wenhliziyo. Ukungcweliswa kweBhayibheli akukona ukungcweliswa kwamanga okungeke kuhlole imiBhalo, kodwa lizothemba ukuzizwa okuhle nokuthwathwa yinhliziyo kunokufuna iqiniso njengengcebo efihliwe. Ukungcwelisa kweBhayibheli kuzoholela abanalo ulwazi lwezimfuno zikaNkulunkulu futhi bazilalele."-*Lift Him Up*, p. 152.

**c. Singangcweliswa kanjani yiqiniso-na? Johane 17:19; 16:13 (isigaba sokuqala).**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

"UKristu wathi uzingcwelisile ngoKwakhe, ukuze nathi singangcweliswa. Wathathela Kuye imvelo yethu, futhi Waba isibonelo esingenaphutha ngenxa yabantu. Akenzanga iphutha, ukuze nathi sibe ngabanqobi, singene embusweni Wakhe njengabanqobi. Wakhulekela ukuthi singcweliswe ngeqiniso. Liyini iqiniso-na? Esho, 'Izwi Lakho liyiqiniso.' Abafundi Bakhe kwakumele bangcweliswe ngokulalela iqiniso."-*My Life Today,* p. 252.

**a. Sazi kanjani ukuthi uKristu wasifaka emthandazweni Wakhe wokulamula-na? Johane 17:20.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Konke uKristu abeyikho kubafundi Bakhe, ufisa ukubayikho kubantwana Bakhe namuhla."*Steps to Christ*, p. 75.

"Labo uKristu abahlengile bangamagugu Akhe, bayingcebo Yakhe emangalisayo nekhethekile."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 309.

**b. Yisiphi isiqiniseko esinaso sokunaka kukaKristu, ngoMoya Ongcwele, ophezu kwethu namuhla-na? Johane 14:16.**

____________________________________________________________________________

"Amazwi akhulunywa kubafundi ngaphambili akhulunywa kithi namuhla. UMduduzi ungowethu njengoba ubengowabo. UMoya unikeza amandla futhi ulondoloze ukuzama, imiphefumulo ebambanayo kukho konke okungazelelwe, futhi nokubona ukwehluleka kwabo namaphutha abo. Osizini nasekuhluphekeni, lapho okuzayo kubonakala kumnyama nekusasa elididayo, futhi sizizwa sibuthakathaka futhi sinesizungu-lezi izikhathi lapho, njengempendulo yomkhuleko wokukholwa, uMoya Ongcwele uletha induduzo enhliziyweni."-*The Acts of the Apostle,* p. 51.

"Ngehora lesidingo esikhulu, lapho ukudangala kuzonqoba umphefumulo, yilapho iso likaJesu libona ukuthi sidinga usizo Lwakhe. Ihora lesidingo somuntu kuba ihora lethuba likaNkulunkulu. Lapho lonke usizo lwabantu lwehluleka, yilapho uJesu eletha kithi usizo Lwakhe, futhi ubukhona Bakhe buhlakaza ubumnyama futhi buphakamise ifu lokuhwaqabala."-*Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 530.

**c. Yisiphi isifiso uJesu asibonisa sona ngenxa yabantu Bakhe ekugcineni komthandazo Wakhe-na? Johane 17:24.**

____________________________________________________________________________

"Ngaphambi kokuba izisekelo zomhlaba zimiswe, uBaba neNdodana bahlangana ngesivumelwano sokuhlenga umuntu uma enganqotshwa nguSathane. Bathe bahlanganisa izandla Zabo ngesibopho esizothile sokuthi uKristu abe yisiqiniseko sesizwe soluntu. Lesibopho uKristu wasigcwalisa."-*The Desire of Ages,* p. 834.

## 5. UKUBA SILAZI IGAMA LAKHE — Ngolwesine, Mandulo 11

**a. Kufanele sibonise kanjani uBaba ngoKristu-na? Johane 17:25, 26.**

___

"UKristu uthi Ngaye uthunyelwe emhlabeni ukuba ngumkhulumeli kaBaba. Ngesimilo Sakhe sobuntu, ngomusa Wakhe nozwelo olumnene, ngothando Lwakhe nobuhle, wema phambi kwethu njengesibonelo sokuphelela okungcwele, umfanekiso kaNkulunkulu ongabonwa."-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 739.

**b. Kuqondisa kuni okufanele sikulondoloze njalo ekuphilen kwethu-na? Jeremiya 9:23, 24.**

___

"Konke ukuzigabisa kokufaneleka kwethu akudingekile.

"Umyalo akuwona, othi lowo ozidumisa ngenkazimulo engeyakhe, kodwa ekaNkulunkulu…Kukhona, lapha ukuba abantu bathathele udumo kubo. Ngokuba isibusiso ngasinye abasithokozelayo, bonke ubuhle abanabo, banesikweletu somusa kaKristu. Makungabikho oziphakamisa njengohlakaniphile noma olungile….

"Labo abanamava ajulile ezintweni zikaNkulunkulu, babekela kude ukuzigabisa noma ukuziphakamisa. Banomcabango ozithobile ngabo, futhi imicabango ephakeme ngodumo nokuhlakanipha kukaKristu….Uma amehlo ethu agxiliswe ezulwini, futhi sinombono okhanyayo wesimilo sikaKristu, sizophakamisa iNkosi uNkulunkulu ezinhliziyweni zethu.

"Njengoba umuntu ejwayelana nomlando woMhlengi, ubona ubuthakathaka obunzima ngaye; nokungathandeki kwakhe kuKristu kukhulu kangangokuba ubona isidingo senguquko ngempela ekuphileni kwakhe. Noma kunjalo ngesifiso sokufunda ukuba abe iSibonelo sakhe esikhulu."-*Sons and Daughters of God*, p. 235.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mandulo 12

1. **Kuyini engingakwenza ukukhulisa ubunye phakathi kwabazalwane-na?**
2. **Ngingasizakala kanjani ngomkhuleko kaKristu ngenxa yabafundi Bakhe-na?**
3. **Kungaziphi izindlela engingakhulisa ulwazi olujulile lwegama likaNkulunkulu-na?**
4. **Chaza izwi likaKristu: "Abasibo abezwe."**
5. **Fingqa izincazelo ezisebhayibhelini "zeqiniso."**

**ISABATHA, MANDULO 20, 2025** **ISIFUNDO 12**

# Ukumangalelwa Kuka-Kristu

**IVESI LEKHANDA: "Khona uJesu wathi kuPeter: Faka inkemba emgodleni wayo; angiyi kusiphuza kanti isitsha anginike sona uBaba-na?" (Johane 18:11).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Early Writings,* pp. 165-168.

"Isikhathi esesabekayo sase sifikile-isikhathi esifanele esizonqume isiphelo somhlaba."-*The Desire of Ages*, p. 690.

## 1. UMZUZU OZOTHILE **NgeSonto, Mandulo 14**

**a. Lapho uJesu eqeda umthandazo Wakhe wokulamula, kukuphi lapho ayakhona nabafundi Bakhe, futhi ngayiphi inhloso-na? Johane 18:1; Mathewu 26:36.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

**b. Ngokunxusa abafundi abathathu ukuba bahambe Naye, yisiphi isicelo uJehova asenzayo, futhi kungani-na? Marako 14:33, 34.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Bekuyinhloso [kaSathane] ukukhulisa ububi ngezilinganiso ezinkulu kakhulu, ukuze enze ukuhlenga kubonakale kungeke kwenzeka, nokuthi iNdodana kaNkulunkulu, ifuna ukusindisa umhlaba olahlekile, ecindezelwa ngaphansi kwesiqalekiso sesono. Ukusebenza kwesitha esiqaphile ukuletha kuKristu ngesilinganiso esibanzi sokweqa umthetho, esabangela ubuhlungu obubukhali kakhulu okwenza aZizwe engenakho ukuhlala ngokushesha ebukhoneni besidalwa noma yisiphi. Ubengakwazi ukuthwala lokhu ngisho nabafundi Bakhe bangaba ngofakazi bosizi Lwakhe lapho ezindla ngesitha selizwe. Ngisho nabangane Bakhe abathanda kakhulu akufanele bahlanganyele Naye. Inkemba yokulunga ayifakwanga engxiweni, futhi ulaka lukaNkulunkulu olumelana nobubi lwahlala kulowo ongumbambeli wabantu, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments], vol. 5, pp. 1102, 1103.

## 2. USIZI OLUKHULU

**NgoMsombuluko, Mandulo 15**

**a. Ngeyiphi ingqikithi yomthandazo wokuqala kaKristu eGetsemane-na? Marako 14:35, 36.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UKristu manje umi ngesimo esahlukile kunaleso ake-ema ngaso ngaphambili. Ukuhlupheka Kwakhe kungachazwa ngamazwi omprofethi, 'Vuka, nkemba, uvukele umalusi wami, uvukele umuntu ongumngane wami, usho uJehova-Sebawothi.' Zakariya 13:7. NjengoMbambeli nesiqiniseko somuntu owonile, uKristu wayehlupheka ngaphansi kokulunga okungcwele. Wabona ukuthi ukulunga kusho ukuthini. Kusukela ngalesosikhathi ubengumlamuli wabanye; manje ulangazela ukuba ngumlamuleli ngoKwakhe.

"Lapho uKristu ezwa ubunye Bakhe noBaba bunqamuka, wesaba ukuthi ubuntu bemvelo Yakhe angeke bumelane nempi ezayo yamandla obumnyama. Ehlane lesilingo isiphelo selizwe loluntu sisengcupheni. UKristu ubengumnqobi. Manje umlingi ufikile ngomzabalazo wokugcina owesabekayo. Ngalokhu wayelungiselela iminyaka emithathu yokusebenza kukaKristu. Yonke into beyisengcupheni kuye. Uma ehluleka lapha, ithemba lobukhosi bakhe lizolahleka; imibuso yomhlaba ekugcineni izoba ngekaKristu; naye ngokwakhe uzonqotshwa futhi alahlelwe ngaphandle. Kodwa uma uKristu enqotshwa, umhlaba uzoba ngumbuso kaSathane, futhi isizwe soluntu usizoba ngesakhe ingunaphakade. Ngenxa yempi ephambi Kwakhe, umphefumulo kaKristu wagcwala ukwesaba kokuhlukana noNkulunkulu."-*The Desire of Ages,* p. 686, 687.

**b. Lapho ebuya emthandazweni Wakhe wosizi, yisiphi isimo uJesu athola abafundi Bakhe bekuso-na? Marako 14:37, 38.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Evuka ngomzamo obuhlungu, wadiyazela ebuyela endaweni lapho ashiye khona ayehambisana nabo. Kodwa 'wabathola belele.' Uma ngabe wabathola bekhuleka, ngabe wakhululeka. Uma befuna isiphephelo kuNkulunkulu, sokuthi izithunywa zikaSathane hleze zibanqobe, ngabe waduduzwa ukholo lwabo oluqinile. Kodwa abazange baqaphela isixwayiso esithi, 'Linda ukhuleke.' Ekuqaleni babekhathazeke kakhulu ukubona iNkosi yabo, ngokuvamile ithobekile futhi ihloniphekile, ilwisana nosizi olungaphezu kokuqonda. Bathe bakhuleka lapho bezwa isililo esikhulu sohluphekayo. Babengazimisele ukudela iNkosi yabo, kodwa babonakala bephelelwa amandla ngokundweza engabe babulahla baqhubeka ukuncenga kuNkulunkulu. Babengaboni ukubaluleka kokulinda ukhuleke ukuze umelane nesilingo."-Ibid., p. 688.

## 3. USIZI OLUKHULU (LUYAQHUBEKA) — Ngolwesibili, Mandulo 16

**a. Wawuyini umkhuleko kaKristu wesibili, futhi kuyini abafundi ababekwenza-na? Mathewu 26:42, 43. Yisiphi isiprofetho esagcwaliseka ngaleso sikhathi-na? Isaya 52:14.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Esikhathini esifushane ngaphambili, uJesu wayemi njengomsedari onamandla, emelene nesivunguvungu sabaphikisana Naye ababelahlela intukuthelo yabo phezu Kwakhe. Izintando ezilukhuni, nezinhliziyo ezigcwele ububi kanye nobuqili, zithe zazama ngeze ukumdida noma zimahlule ngamandla. Wema ebukhosini obungcwele njengeNdodana kaNkulunkuku. Manje wayesefana nomhlanga ohlatshiwe wagotshwa isiphepho esithukuthele. Wayesondela ekupheleni komsebenzi Wakhe njengomnqobi, ngenyathelo ngalinye wazuza ukunqoba phezu kwamandla obumnyama. Njengalowo okhazimulisiwe, uthe wabiza ubunye noNkulunkulu. Ngenkulumo engenakuphutha wahlabelela izingoma zokudumisa. Wakhuluma kubafundi Bakhe amazwi enkuthazo angathikazeki namnene. Manje ihora lamandla obumnyama lase lifikile. Manje izwi Lakhe lalizwakala emoyeni othulile wantambama, kungesilo elohlobo lokunqoba, kodwa olugcwele usizi lomuntu."-*The Desire of Ages,* pp. 689, 690.

**b. INdodana kaNkulunkulu yaduduzeka kanjani ngehora elinzima-na? Luka 22:43.Yimaphi amagama abhalwa ngumprofethi uIsaya ngosizi lukaKristu kanye nokuthokoziswa-na? Isaya 53:11.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Kulosizi olwesabekayo, lapho yonke into isengcupheni, lapho isitsha esingaqondakali sithuthumela esandleni salowo ohluphekayo, izulu lavuleka, ukukhanya kwabonakala phakathi kwesiphepho esimnyama ngehora losizi, nengelosi enamandla imi phambi kobukhona bukaNkulunkulu, ehleli esikhundleni leso uSathane awa kuso, yema eceleni kukaKristu. Ingelosi ayizelanga ukuthatha isitsha esandleni sikaKristu, kodwa ukumqinisa ukuba asiphuze, ngesiqiniseko sothando lukaYise. Weza ukuba anikeza amandla kwizicelo ezingcwele zabantu. Wamqondisa kumazulu avulekile, imtshela ngemiphefumulo ezosindiswa njengomphumela wokuhlupheka Kwakhe. Wamqinisekisa ukuthi uBaba mkhulu futhi unamandla amakhulu kunoSathane, nokuthi ukufa Kwakhe kuzoba nomphumela omkhulu wokuvimbela uSathane, nokuthi umbuso walelizwe uzonikezwa abangcwele boPhezu-Konke. Wamtshela ukuthi uzobona ukusikwa yinimba komphefumulo Wakhe, futhi eneliseke, ngoba uzobona izinkulungwane zesizwe soluntu zisindisiwe, zisindisiwe ingunaphakade."-Ibid., pp. 693, 694.

## 4. UKUBOSHWA KUKA-JESU — Ngolwesithathu, Mandulo 17

**a. Ngubani owayehola iqembu elabopha uJesu-na? Johane 18:2-5.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

**b. Kuyini okwenzeka kwisixuku esithukuthele lapho uJesu eZiveza kubo-na? Johane 18:6.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Zazingekho izimpawu zobuhlungu Bakhe ezisobala lapho uJesu esondela ngaphambili ukuhlangana nomkhapheli Wakhe. Wasuka phambi kwababafundi Bakhe wathi, 'Nifuna ubani-na?' Baphendula bathi, 'uJesu waseNazaretha.' UJesu wathi kubo: Yimina.' Lapho amazwi ekhulunywa, ingelosi eyayikhonza uJesu yangena phakathi Kwakhe nesixuku. Ukukhanya okungcwele kwakhazimula ebusweni boMsindisi, futhi isimo esifana nejuba samengamela. Ngobukhona balenkazimulo engcwele, ixuku lababulali lalingakwazi ukuma nangomzuzu. Sahlehlela nyovane. Abapristi, abadala, namasotsha, ngisho noJudasi, bawela phansi.

"Ingelosi yasuka, nokukhanya kwafiphala, uJesu wayenethuba lokubaleka, kodwa wahlala, ngesizotha nangokuzibamba. Njengalowo okhazimulisiwe Wema phambi kwesixuku esithukuthele, manje sasididekile futhi singenakuzisiza ezinyaweni Zakhe. Abafundi bambheka, ngokuthula bemangele futhi benovalo."-*The Desire of Ages*, p. 694.

**c. Ukukhohlisa kukaJudasi kwathinta kanjani isixuku-futhi ubumnene bukaJesu bahlanekezelwa kanjani nguPeter-na? Johane 18:7-10; Luka 22:47-50.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Isixuku sathola isibindi njengoba sibona uJudasi ethinta ubuntu baLowo othe kungekudala ekhazimuliswe phambi kwamehlo abo. Manje bambamba uJesu, babopha lezozandla eziyigugu ezazisebenza njalo ukwenza okuhle.

"Abafundi babecabanga ukuthi iNkosi yabo angeke ivume ukuba ithathwe. Ngoba wona lamandla abangele ukuba isixuku siwele phansi njengabantu abafileyo abagcina bengakwazi ukuzisiza, kufinyelele lapho uJesu nexuku Lakhe bengabaleka khona. Babedangele futhi belambatha lapho bebona izintambo zilethwa ukuba zibophe izandla Zalowo abamthandayo. UPeter ngokuthukuthela wahosha inkemba yakhe wanquma indlebe yenceku yompristi omkhulu."-Ibid., p. 696.

## 5. UKUNYATHELA ISIKHAMA SEWAYINI UWEDWA — Ngolwesine, Mandulo 18

**a. Chaza uthando olubekezelayo olwabonakaliswa nguJesu ngesikhathi sokuboshwa Kwakhe? Mathewu 26:51-53; Luka 22:50, 51. Izulu lakubheka kanjani-na?**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Abafundi baqala ukuba nethemba lapho bebona isixuku esiphethe izintonga nezinkemba siwela phansi ngokushesha. Ekuvukeni kwaso sazungeza futhi iNdodana kaNkulunkulu, uPeter wahosha inkemba yakhe wayigenca inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe. UJesu wamnxusa ukuba abuyisele inkemba endaweni yayo, ethi, 'Ucabanga ukuthi angeke ngikhuleke kuBaba Wami, ukuthi athumele manje izingelosi eziningi ezidlula amalegiyoni ayishumi nambili-na? Ngabona futhi lapho amazwi ekhulunywa, ubuso bezingelosi buvuswa ngethemba. Zazifisa ngaleso sikhathi ukuzungeza uMbusi wazo futhi zihlakaze isixuku esithukuthele….Izinhliziyo zabafundi zaphelelwa yithemba nangendumalo ebuhlungu, njengoba uJesu avuma ngoKwakhe ukuba athathwe izitha Zakhe.

"Abafundi besabela izimpilo zabo, futhi bonke baMdela babaleka. UJesu wasala eyedwa ezandleni zesixuku sababulali. Maye, bheka ukunqoba kukaSathane ngaleso sikhathi! Futhi ukudana okunjani nosizi olwabonwa yizingelosi zikaNkulunkulu! Amaxuku amaningi ezingelosi ezingcwele, yilelo nalelo linengelosi ephakeme ekhanda layo, zathunyelwa ukuba ngofakazi besehlakalo. Kwakufanele zibhale yonke inhlamba nolunya olubekwe phezu kweNdodana kaNkulunkulu, nokubhala yonke iminjunju uJesu okumele ahlupheke ngayo; ngoba wona lamadoda ahlanganyele kulesehlakalo esesabekayo azosibona sonke futhi ezimilweni zokuphila kwabo."-*Early Writings,* pp. 167, 168.

**b. Kuyini bonke abafakaza ngoKristu okufanele bakufunde ngokukhuza kweNkosi uPeter-na? Johane 18:11; 1 Johane 3:15.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlangulana 19

1. **Yikuphi ukuncenga uKristu akwenza kubafundi okusebenza ngokukhethekile kimi-na?**
2. **Kungayiphi indlela amava eNkosi eGetsemane kufanele angithinte ngayo-na?**
3. **Ngingagwema kanjani uhlobo lokuphendula olwaboniswa nguPeter ekuboshweni kukaJesu-na?**
4. **Ngeyiphi imbangela enkulu yosizi lukaKristu-na?**
5. **Isixuku saphendula kanjani phambi kwenkazimulo yengelosi-na?**

**ISABATHA, MANDULO 27, 2025** **ISIFUNDO 13**

# USimoni Peter

**IVESI LEKHANDA: "Simoni, Simoni, bheka, uSathane unifunile ukuba anihlunge njengokolweni: Kepha mina ngikunxusele ukuba ukukholwa kwakho kungapheli; wena-ke, nxa usuphendukile, uqinise abafowenu" (Luka 22:31, 32).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 331-336.

"Kwakungenxa yokweneliseka kwakhe okwabangela uPeter ukuba awe; futhi kungenxa yokuphenduka nokuthotshiswa okwenza izinyawo zakhe zaphinde zimiswe."-*Christ's Object Lessons,* p. 155.

## 1. ISIMILO SIKA-PETER — NgeSonto, Mandulo 21

**a. Lapho uSimoni efika okokuqala kuJesu, iNkosi yathini Kuye-na? Johane 1:42. Kuyini esikwaziyo ngesimilo sikaPeter ngaphambi kokuguquka kwakhe-na?**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"Iso likaKristu lahlala phezu [kukaPeter], lifunda isimilo nomlando wokuphila kwakhe. Imvelo yakhe yokuhluthuka, uthando lwakhe, inhliziyo enozwelo, ukuzimisela kwakhe nokuzethemba, umlando wokuwa kwakhe, nokuphenduka kwakhe, imisebenzi yakhe, nokufa kwakhe efele ukholo-uMsindisi wakufunda konke."-*The Desire of Ages,* p. 139.

"Kwakuyileso sikhathi ecabanga ukuthi unamandla uPeter kanti ubuthakathaka; futhi kwafinyelela lapho ehlukanisa ubuthakathaka bakhe futhi waqonda isidingo sakhe sokweyama kuKristu."-Ibid., p. 382.

**b. Naphezu kweziphambeko zakhe, yisiphi isimemo uJesu asinikeza uPeter-na? Mathewu 4:18, 19.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"Kwakusemva kokuba uIsaya ebonile ubungcwele bukaNkulunkulu nokungafaneleki kwakhe ukuthi aphathiswe umyalezo ongcwele. Kwakusemva kokuba uPeter aholelwa ekudeleni-umina futhi eyame emandleni angcwele yilapho athola ukubizelwa ukusebenzela uKristu."-Ibid., p. 246.

## 2. UKUWA KUKA-PETER NgoMsombuluko, Mandulo 22

**a. Yimuphi umcijo owembula ukuthi uPeter wayenokuduka okufana nomuntu wonke, ngisho nangemuva kokubhaphathizwa ngoMoya Ongcwele ngosuku lwePentekoste-na? Galathiya 2:11-14.**

___________________________________________________________________________
___________________________________________________________________________

"[UPeter] wazuza ithemba labaningi ngokuziphatha kwakhe okuhlakaniphile maqondana nabaZizwe abaguqukile. Okwesikhashana wayenza ngokuvumelana nokukhanya okunikeziwe okuvela ezulwini. Manje wanqoba ukuzenzisa kwemvelo ngokuhlala etafuleni nabeZizwe abaguqukile. Kodwa uma amaJuda athile eshiseka ngenxa yemithetho yemikhosi, bevela eJerusalema, uPeter engazelele waguqula ukuziphatha kwakhe maqondana nabeZizwe abasuka ebuhedenini. AmaJuda ambalwa 'ayezenzisa ngokufanayo; kangakho ukuthi uBarnabasi naye wathathekiswa ukuzenzisa kwabo.' Ukwembuleka kobuthakathaka ohlangothini lwalabo ababehlonishwa futhi bethandwa njengabaholi, bashiya umfutho obuhlungu kakhulu ezingqondweni zabeZizwe abakholwayo. Ibandla lalisongelwa ukwehlukana phakathi."-*The Acts of the Apostles,* p. 198.

**b. Yisiphi isifundo esingasifunda ngamaphutha kanye nokuhlengwa kukaPeter-na? Amahubo 145:14.**

___________________________________________________________________________
___________________________________________________________________________

"UPeter wabona isiphambeko awele kuso, futhi ngokushesha wazama ukulungisa ububi obuthe benzeka, kuze kube manje ngokwamandla akhe. UNkulunkulu, owazi isiphelo kusukela ekuqaleni, wavumela uPeter ukuba embula lobuthakathaka besimilo ukuze umpostoli olingiwe angabona ukuthi akukho lutho angazigabisa ngakho. Ngisho nabantu abahle kakhulu, uma bezishiyela ngokwabo, bazophambuka ekwahlululeleni. UNkulunkulu wabona ukuthi esikhathini esizayo abanye bazodukiswa njengoPeter nabalandeli bakhe abazenzisayo ngegunya lokuzidumisa eliqondene noNkulunkulu kuphela. Futhi lombhalo wobuthakathaka bompostoli kwakufanele ugcinwe njengobufakazi bokuduka nangomcijo wokuthi eme ngokulingana nabanye abapostoli.

"Umlando wokusuka kwizimiso ezifanele kumi njengesixwayiso kubantu abasezikhundleni zokwethenjwa emsebenzini kaNkulunkulu, ukuze bangehluleki ukuma ngobuqotho, kodwa ngokuqina banamathele esimisweni. Njengoba ukuziphendulela kukukhulu okubekwe phezu kwezithunywa zabantu, futhi namathuba okunikeza izwi nokulawula abamakhulu, yilapho ingozi iqinisekiswa ukuthi izokwenzeka uma benganaki ngokucophelela ukulandela indlela yeNkosi neyabasebenzi ngokuvumelana nezinqumo ezivela kwibandla jikelele labakholwayo njengomzimba ohlangene."-Ibid., pp. 198. 199.

## 3. U-PETER AKASONA ISISEKELO SEBANDLA — Ngolwesibili, Mandulo 23

**a. Uthini uJesu ngesisekelo sebandla-na? Mathewu 16:16-19.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"Iqiniso lelo uPeter alivumayo liyisisekelo senkolo yamakholwa. Yilelo uKristu ngoKwakhe alimemezela njengokuphila okuphakade. Kodwa ukuba nalolwazi bekungeyona indawo yokuzidumisa. Akukona ukuhlakanipha noma ubuhle bakho uma kungembulelwanga uPeter. Abantu angeke, ngokwabo, bafinyelela olwazini olungcwele…."

"Igama elithi Peter lichaza itshe-itshe eliginqikayo. UPeter ubengelona idwala ibandla elisekelwe phezu kwalo. Amasango ehayidesi amehlula emelene naye lapho ephika iNkosi yakhe ngenhlamba nangokufunga. Ibandla lalakhiwe phezu kwaLowo amasango ehayidesi angayi kumahlula."-*The Desire of Ages,* pp. 412, 413.

**b. NjengoPeter, kuyini abanye abaprofethi nabapostoli abakusho maqondana nesisekelo seqiniso sebandla-na? Isaya 28:16; 1 Korinte 3:11; 1 Peter 2:3-6.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"Ebukhoneni bukaNkulunkulu, nazo zonke izihlakaniphi zezulu, ebukhoneni bebutho elingabonwa lehayidesi, uKristu wamisa ibandla Lakhe phezu kweDwala eliphilayo. IDwala eliNguye-umzimba Wakhe, ukuba thina siwele phezu kwalo futhi siphuke. Maqondana nebandla elakhiwe phezu kwesisekelo, amasango ehayidesi angeke alahlule….

"Iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, ukukholwa kuthe kwakhelwa phezu kukaKristu. Iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha izikhukhula neziphepho zolaka lobusathane zithe zawela phezu kweDwala lensindiso yethu; kodwa limile aligudluki.

"UPeter wagcizelela iqiniso eliyisisekelo sokholo lwebandla, futhi manje uJesu wamhlonipha njengomele umzimba wonke wabakholwayo. Wathi, 'Ngizakunika izihluthulelo zombuso wezulu: noma yikuphi eniyakukubopha emhlabeni kobe-kuboshwiwe ezulwini: futhi nalokho eniyakukhulula emhlabeni kobe-kukhululiwe ezulwini.'

"'Izihluthulelo zombuso wasezulwini' zingamazwi kaKristu. Wonke amazwi oMbhalo Ongcwele nga-Wakhe, futhi angenisiwe lapha. Lamazwi anamandla okuvula futhi nokuvala izulu."-*The Desire of Ages,* p. 413.

**a. Chaza isici esikhulu sesimilo sikaPeter. Marako 14:27-29.**

_____________________________________________________________________________
_____________________________________________________________________________

"Ngokuba ixuku ngalinye limelwa umFarisi nomthelisi futhi kukhona isifundo somlando wompostoli uPeter. Ekuqaleni kobupostoli bakhe uPeter wayecabanga ukuthi unamandla. NjengoMfarisi, ngesilinganiso sakhe'ubengafani nabanye abantu.'…UPeter ubengazi ngengozi yakhe. Ukuzethemba kwakhe kwamdukisa. Wayecabanga ukuthi uyakwazi ukumelana nesilingo; kodwa amahora ambalwa alandelayo isilingo safika, futhi ngenhlamba nangokufunga wayiphika iNkosi yakhe."-*Christ's Object Lessons,* p. 152.

**b. UJesu wamsebenzela kanjani lomfundi ogabadelayo-na? Luka 22:31, 32.**

_____________________________________________________________________________
_____________________________________________________________________________

"Lapho iqhude likhala wakhumbula amazwi kaKristu, emangele futhi esaba lokho aqeda ukukwenza waphenduka wabheka iNkosi yakhe. Ngalesosikhathi uKristu wabheka uPeter, ngaphansi kokubheka okudabukisayo, lapho uzwelo nothando kuye kwahlanganiswa, uPeter waziqonda ngokwakhe. Waphumela ngaphandle wakhala kabuhlungu. Ukubheka kukaKristu kwadabukisa inhliziyo yakhe. UPeter ufinyelele kumcijo wokuphenduka, futhi kalusizi waphenduka esonweni sakhe. Wayefana nomthelisi ekuzisoleni kwakhe nasekuphendukeni, futhi njengomthelisi wathola umusa. Ukubheka kukaKristu kwaqinisa ukuthethelelwa kwakhe.

"Manje ukuzethemba kwakhe bekungasekho. Akuzange kuphinde kubonakale ukuziqhenya kwakudala okwaphindeka."-*Christ's Object Lessons,* pp. 152-154.

**c. Emva kokuvuswa Kwakhe, kuyini uJesu akubuza uPeter-na? Johane 21:15-17. Kungani uJesu aphinda lokhu kathathu-futhi uPeter waphendula kanjani-na? Luka 22:31, 32.**

_____________________________________________________________________________
_____________________________________________________________________________

"[UPeter] wadumaza uKristu, futhi wazehlisela ukwexwaya abazalwane bakhe. Babecabanga ukuthi angeke avunyelwa ukuthatha isikhundla ayenaso ngaphambili phakathi kwabo, futhi naye ngokwakhe wazizwa ukuthi ulahlekelwe ilungelo kubo. Ngaphambi kokuba abizwe futhi ukuthatha umsebenzi wobupostoli, kwakufanele phambi kwabo bonke anikeze ubufakazi bokuphenduka kwakhe. Ngaphandle kwalokho, isono sakhe, noma ephendukile kuso, hleze kuchithwe umfutho wakhe njengesikhonzi sikaKristu. UMsindisi wamupha ithuba lokuzuza ithemba labazalwane bakhe, ngokungenzeka, ukususa isihlamba asilethe phezu kwevangeli."-*The Desire of Ages,* p. 811.

## 5. UKUQINISEKISWA EMSEBENZINI — Ngolwesine, Mandulo 25

**a. Yisho izimpawu ezimbalwa ezibalulekile zobufundi. Kolose 1:10, 11; 3:12-14. Kuyini esingakufunda indlela uKristu aphatha ngayo uPeter-na?**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Ivangeli alivumelani nobubi. Alisoze lathethelela isono. Izono ezifihlakele kufanele zivunywe ngasese kuNkulunkulu; kodwa izono ezisobala, ukuvuma okusobala kuyadingeka. Ukusolwa kwezono zabafundi kubekwa phezu kukaKristu. Kwenza uSathane anqobe, nemiphefumulo entengantengayo ikhubeke. Ngokunikeza ubufakazi bokuphenduka, umfundi, njengoba ehlezi emandleni akhe, kufanele asuse lokusolwa."-*The Desire of Ages,* p. 811.

"Ukuziphatha koMsindisi maqondana noPeter kunesifundo esiqondene naye nabazalwane bakhe. Sasibafundisa ukuthi bahlangabezane kanjani nomeqi womthetho ngokubekezela, uzwelo, nothando oluthethelelayo. Noma uPeter ayiphika iNkosi yakhe, uthando uJesu alubonisa kuye aluzange lusoleke. Uthando olunjalo lomalusi osemusha ozwelana nezimvu namawundlu anikelwe ngaphansi konakekelo lwakhe. Ngokukhumbula ubuthakathaka nokwehluleka kwakhe, uPeter kwakufanele aphathe umhlambi ngesineke njengoKristu amphatha ngayo.

"Umbuzo uKristu awubuza uPeter wawubalulekile. Wabeka umbandela owodwa wobufundi nomsebenzi. 'Uyangithanda na?' Esho. Ukufaneleka okubalulekile. Noma uPeter angaba nokunye ukufaneleka, kodwa ngaphandle kothando lukaKristu akasoze aba umalusi othembekile phezu komhlambi weNkosi. Ulwazi, ubuhle, ubuciko bokukhuluma, ukubonga, nentshiseko konke kuyalekelela emsebenzini omuhle; kodwa ngaphandle kothando lukaJesu enhliziyweni, umsebenzi wesikhonzi esinguMkrestu uzokwehluleka."-Ibid., p. 815.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mandulo 26

1. **Ngingahle, njengoPeter, ngahlulele ngokungeyikho kanjani isimilo sami-na?**
2. **Ngingagwema kanjani isici sesimilo esaboniswa nguPeter-na?**
3. **Yisiphi isifundo engingasifunda ngokuwa kukaPeter nangokuhlengwa futhi-na?**
4. **Emva kokuvuswa kukaKristu, kungani uKristu kwakufanele abuze uPeter umbuzo oqondile phambi kwabafowabo-futhi kuyini esingakufunda kulokhu-na?**
5. **Chaza isisekelo uKristu akhela ibandla Lakhe phezu kwaso, futhi wakhomba izihluthulelo zombuso wezulu.**